


IZWI LIKANKULUNKULU

ELINGAGUQULEKIYO

 Ningahlala phansi. Sibonga kakhulu ukuthi iNkosi enhle isiphe ukuhlwa okupholile ngalengkono. Isimo sezulu esinamafu, sibikezela ukuduma kwezulu kulobubusuku, futhi kungokuhle, ukuhlwa okupholile, sibonga iNkosi ngalokho.

² Ngibonga kakhulu ngalokho iNkosi yethu ekwenzile kulona omncane, umbuthano wezinsuku ezinhlanu lapha eLakeport, nangenhlanganyelo enhle esiyijabulele nabangani bami, esihambisana nabo, nami uqobo, ngokubambisana kwenu okuhle, uthando lwenu, iziphiwo zenu, ukwesekela kwenu. Kalula nje asinawo amazwi okuveza esikucabangayo ngakho.

³ Futhi ngibuze abafana lapho ngingena, abangenisi bebephandle lapho ngemuva, ubebala u—umnikelo wakusihlwa, futhi ngivele ngababuza nje, ukuze ngazi ngokuqinisekile, uma bekukhona izimali ezenele ukukhokha zonke izikweletu, futhi bathi beyikhona, ngakho ngiyabonga ngomusa omkhulu ngokweseka kwenu. Futhi bathe bekusele okwenele ukuthi babeka u—umnikelo wothando wobuthunywa benkolo bakwamanye amazwe. UNkulunkulu anibusise ngalokho.

⁴ Ngolunye usuku, ungahle ungakuboni lapha, kodwa ngolunye usuku, kwelinye iZwe, uzothola, uma uNkulunkulu engisiza ukuba ngibuyele phesheya kwezilwandle, leyomiphefumulo esindisiwe izobalelwa kuwe. Mhlawumbe awubizelwanga ukuhamba, kodwa ungasiza othile obizelwe ukuhamba, futhi ndawonye, imivuzo kuzokwabelwana ngayo eNkazimulweni.

⁵ Futhi lapho ubona ngaLeya, njengoba ngibe nombono, futhi ubone lokho, labobantu benyukela kuwe, futhi lapho zonke izinto zenziwa ziphelele khona, bakugaxe bese bethi, “Mfowethu othandekayo, uma wawungasizanga ngalobobusuku emihlanganweni, uMfowethu Branham ubengeke ahambe, futhi bencingebe ngosindisiwe, kodwa ngenxa yokuthi usizile!” Manje, imali ibingakusiza ngani Lapho na? Niyabo?

⁶ Ngakho, ngiyazi ukuthi ngumhlatshele, yi—yiwo ngempela, ngoba izikhathi azizinhle njengoba zazivame ukuba njalo. Kodwa—kodwa ngiyanitshela bangani, uma kuphela beningabona izimo zaphesheya kwezilwandle! Wonke umMelika, akunandaba noma uyisinxibi emgwaqeni, unguzozigidi kulokho abanye balabobantu abayikho. Aniqondi nje ukuthi labobantu bampofu kanjani eNdiya, nangakhona, bangabampofu kunabo bonke kwabampofu.

⁷ Ngenkathi ngiya lapho kusihlwa futhi ngibabone bephethe labobantu kulawo, into emhlophe nje, ishidi noma useyili uphonswe phezu kwabo, babathathe babakhuphulele ebandeni elikhulu bese bebalahla phakathi, abazazi ukuthi bangobani, bavele bafela esitaladini, izinxibi. Futhi akukho Johane 14, na*Ngaphesheya Kolunye Uhlangothi*, namaculo amnandi aculwa, nezimbali, nezinkonzo zomngcwabo, qhabo, kalula nje kuyindlela edlula zonke abangayenza, babalothise, babalahle, yilokho kuphela. Ngakho, labobantu bangabantu uJesu abafelayo, futhi banelungelo nje impela lokwazi ngoNkulunkulu njengoba sinalo.

⁸ Lapho ngifika ekhaya futhi ngiqalaze futhi ngibone amakhulu, amabandla amahle na—nabantu abagqoke kahle, futhi—futhi si... bese-ke ngiwelela lapho futhi ngiqalaze, ngibone labobafo abancane abampofu belele lapho bebulawa yindlala, futhi bengakaze bazi ngisho nokuthi kwakukhona uNkulunkulu. Futhi wena uthi, “UNkulunkulu...” bathi, “Muphi uNkulunkulu na?” Izinkulungwane zabo, niyazi, ngakho azazi. Bese kuthi-ke, ubanike incwajana nje noma ubatshele ngomunye uNkulunkulu, lokho ngeke kusebenze, izithunywa zenkolo sikutholile lokho, lokho ngeke kusebenze, bafanele babone into ethize ebonakalayo abangayibamba.

⁹ Bengikhuluma eKiwani esikhathini esingeside esedlule, ngikhuluma, futhi kwenzeka ukuthi indoda eyangigcoba eBandleni iMissionary Baptist yayikhona. Ngangisanda kubuya e-Afrika, futhi ngangibatshela, ngathi, ngikhuluma ngezimo zase-Afrika nokuthi umnotho wabo wawubhalanse kanjani, futhi—futhi ungabhalansile, njalo, nokuthi kanjani ukuthi a—abomdabu, nokuthi babeqhubeka kanjani, futhi ngabatshela ukuthi kuza ukuvukelana okuqinisekile impela nje njengezwe, iqembu lobukhomanisi liyangena lapho futhi likuqala, ngakho kuzoba nokuvukelana.

¹⁰ Futhi ngakho, futhi mina, ukuthi ngazizwa kanjani ngakho, futhi ngikhuluma ngezizwana, izizwana zabomdabu, futhi ngachaza umuthwa omncane, nabehlukene, nokuthi babedla kanjani, noma yini nje ababengayithola, akunandaba uma yayinezimpethu kuyo, lokho nje kwakuyinyama eningi, ngakho akuzenge kubakhathaze.

¹¹ Ngakho manje-ke, nalab’omiyane belenga emilenzeni yabo, lowo umiyane kamalaleveva, hhayi loluhlobo olubhuza ngapha nangapha, futhi luthi, “Ungumzala wami,” uyazi, futhi luthi ngxi udosi kuwe. Ayizenzisi, ivele igibele lapho, futhi unomalaleveva. Kodwa ngeke ubalimaze, bakha umnokoloto iminyaka.

¹² Futhi ngathi, “Awu, uma ukukhanya okukodwa phezu kwethu, besiyofa.” Ukuba besiphila, besiyoba nomalaleveva okungenani iminyaka eyishumi nanhlanu. Futhi uke ubone

noma ubani onomkhuhlane kamalaleveva, impela ubungeke uwufune. Uyaquleka izinsuku emva kwezinsuku equlekile, nayo yonke into, bese kuthi-ke, kunzima kakhulu. Ngase ngithi, “Manje-ke, ekudleni . . .”

¹³ Futhi kwakukhona udokotela ehlezi lapho, futhi wathi, “Awu, Mfu. Branham,” wathi, “labobantu abasibo abantu, uyabo.”

¹⁴ Ngathi, “O, ngicela uxolo, Dokotela!” Ngathi, “Bangumuntu nje impela njengawe nami.” Ngokoqobo. Ngathi, “Into kuphela, ukuthi sinakho konke nje, futhi sikufihlela bona.” Futhi ngathi, “Nginika . . .”

¹⁵ Isizwe sasendle kunazo zonke e-Afrika, umuthwa, babengazi ngisho nokuthi babengabantu qobo lwabo. Uhulumeni wamaNgisi wathola . . . Niyazi ukuthi bathola kanjani ukuthi babengabantu na? Bagijimela endaweni encane kanjalo, isixheke esincane sezihlahla, niyazi, futhi baqala ukuqhaq hazela kanjalo, futhi akukho lutho. Qalaza macala onke, yonke into iyanyamalala nje. Buka phandle esihlabathini, amakhanda amnyama ambalwa amancane enyakaza *kanje*. Bazimboza ngesihlabathi, bebhekisisa ukubona ukuthi uhambe ngaphi.

¹⁶ Futhi indlela kuphela ababazi ngayo ukuthi babengabantu, eminyakeni eminingi eyedlula, indlela yokuqala abazi ukuthi babengabantu, ningathanda ukwazi ukuthi bakwazi kanjani na? Babenezinja. Inja ngeke ihlalisane nalutho ngaphandle kwesidalwa esingumuntu, ngeke iphile nalutho ngaphandle komuntu. Futhi wazi kanjalo-ke uhulumeni wamaNgisi ukuthi babengabantu.

¹⁷ Manje, nginike omunye walabo bafana abancane ozelweyo, lapho esenezinsuku ezimbili kuphela ubudala, noma izinyanga eziyisithupha ubudala, ake ngibe naye, umuthwa omncane, akamazi uyise, unina, akekho owesizwana sakubo, akazi lutho kodwa nje uvele abulale futhi adle, futhi lapho eseneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, uhlakaniphile, ufundile, uhlakaniphe kakhulu nje ngakho konke. Niyabo? Unengqondo, uyakwazi ukucabanga, unomphefumulo. Kodwa ungaphampa konke esilwaneni osifunayo, futhi awusoze wasenza sicabange, asikwazi ukucabanga, asinamphefumulo. Ungumuntu.

¹⁸ Kwase kuthi emva kokuba besho lokho, bathi ukunyathela uzwani lwami kancanyana, ngoba uJesu wafa ukusindisa lowomuthwa omncane ngokufanayo njengoba Afa ukuba angisindise. Futhi kungumsebenzi wami, kungumsebenzi wethu ukuqinisekisa ukuthi uyalithola iVangeli. UNkulunkulu uzosithwesa icala ngalokho, asikuthathi sikuse kuye. Yebo, mnumzane, uNkulunkulu uzodinga izandla zethu. Niyamazi umlindi odongeni, uma engaxwayisi, khona-ke igazi lifunwa esandleni sakhe.

¹⁹ Bese kuthi-ke udokotela, besikhuluma kancanyana, manje, nomfundisi wasukuma, futhi uqala ukusho mayelana ne, izimishini zakhe laphaya. Futhi kwaba nguye owathi ngangizophenduka ngibe ngumgingqiki ongcewele.

²⁰ Futhi ngathi, “Dokotela, uyazi, eminyakeni embalwa edlule, wangitshela ngobusuku engayibona ngabo leyoNgelosi phezulu lapho, wangibuza ukuthi bengikade ngingadli yini upelepele obomvu, futhi ngaba nephupho elesabisayo. Futhi ngathi, ‘Uma leso kuyisimo sokuziphatha sebandla lamaBaptisti, ngizoyeka inhlanganyelo yami khona manje ngakho,’” niyabo, “Ngathi, ‘ngoba uNkulunkulu wabiza, futhi kuzoba njalo.’”

“Wathi, ‘Wena onemfundo yokufundwa nokubhalwa kolimi, uzoyisa iVangeli phesheya kwezilwandle, lapho izinkulungwane zezithunywa zenkolo zinobunxusa na?’”

“Futhi—futhi ngathi, ‘Angikhathali ukuthi zinani, uNkulunkulu uyangithuma.’”

“Futhi wathi, ‘Uzokwenza kanjani na?’”

“Ngathi, ‘Lokho kukuNkulunkulu ukukwenza, akusimina, kukuYe. Ngikutshela iqiniso nje.’”

²¹ Ngase ngithi, “Uyakukhumbula lokho, mnumzane na?” Ngathi, “Ngifuna wazi, ngahlangana nezithunywa zenkolo zethu laphaya, ngizokutshela amandla okuqina kwakho. Nakhu kungena abomdabu bethwele isithixo sodaka ekhwapheni laso necici kuye, ‘UmKristu.’” Ngathi, “Kuthiwani ngalokho na?”

²² USidney Smith, imeya yaseThekwini, wathi, “Ngingakhuluma ulimi lwalowomuntu *lapho*.” Wathi, “Unecici, ungumKristu, ephethe isithombe sodaka esifafazwe ngegazi lesilwane,” wathi, “ake simbuze.” Wathi, “UngumShangane, ngingakhuluma ulwimi lwesiShangane.” Ngathi... Ngathi, “Mbize nganoma yini ofuna ukuyibiza.”

Ngathi, “Thomas,” ngangicabanga ukuthi lelo kwakuzoba yigama elihle, ngathi, “Thomas, ngabe ungumKristu na?”

“O, ya. Yebo.” Wakhuluma ngolwimi lwakhe, wahumusha. UngumKristu.

Ngathi, “Usiphatheleni lesosithombe na?”

²³ “O,” wathi, “Uma—uma u-Amoya...” *Amoya* kusho “amandla angabonwayo,” njengomoya. “Uma u-Amoya wahluleka, uNkulunkulu ongabonwayo, lona angeke.” Niyabo? Lowo ngumKristu, niyazi. “Lona akayikwehluleka.”

Futhi nga—futhi ngathi, “Awu, ukwazi kanjani lokho na?”

²⁴ Wathi, “Awu,” uyise wayephatha lesisithixo esifanayo, futhi ngelinye ilanga ibhubesi lamlandela, futhi wahlala phansi, wabasa umlilo omncane, futhi washo umkhuleko inyanga-mthakathi eyayimtshela wona, ibhubesi labaleka.

²⁵ Futhi nga—ngathi, “Ngingumzingeli wamabhubesi, futhi ngazi into eyodwa, ukuthi noma yisiphi isilwane siyawesaba umlilo. Umkhuleko wenyangamthakathi awulixoshanga, umlilo walixosha, lesaba umlilo.”

²⁶ “O, awu,” Wayedlala ngokuphepha kuqala, futhi akuphathe lokho, noma kanjani. Niyabo? Lobo ngubuKristu.

²⁷ Uphumele lapho, inqwaba yezithunywa zenkolo, ngenkathi zibangenisa, bababeka phansi emayini yedayimane, amafidi angamakhulu ayishumi nesikhombisa ngaphansi komhlaba, ukuba basebenze izintela zabo. Bayabuya baphume, futhi bafanele badanse kanye ngankathi. Niyazi lapho benomdanso, izithunywa zenkolo ziyehla futhi zinikeze amapheshana endodeni engazi ukuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele. Yebo.

²⁸ Ngathi, “Kwenzekeni na? Enikubiza ngobuhlanya, lokho enakubiza ngomgingqiki ongcwele, ngibone izinkulungwane ezingamashumi amathathu zabo bephula izithixo zabo emhlabathini futhi bemukela uJesu Kristu, abesifazane abanqunu bamboza izingalo zabo futhi basuka endaweni.” Ngathi, “Yilokho ababheke ukukubona. Abanandaba nencwajana ethize encane, unkulunkulu wabo unamandla amakhulu nje njenganoma yimuphi omunye okhuluma ngaye.” Niyabo?

²⁹ Kodwa lapho sekufika entweni ethize abangayibona ezomangaza onkulunkulu babo, futhi imise izinyanga-bathakathi zabo, futhi ibakhubaze emikhondweni yabo, futhi babone, khona-ke bayakholwa ukuthi ukhona uNkulunkulu ongasebenza. Lelo yiVangeli umhedeni afanele abe nalo, yilokho kuphela. Imfundo yethu—yethu nesayense ephathelene nenkambo elungileyo ngeke kusebenze nomhedeni, uzofanele abone into ethize, u—ufanele azi ukuthi kulungile.

³⁰ Into efanayo eNdiya, sathola. . . Elinye lamaphephabhuku liqethe udaba maduze nje ngenkathi umfowethu ohloniphekile, uBilly Graham, waphoselwa inselelo yilowo kaMohamede, noBilly wahlakazeka. Manje, a—angimsoli, bengiyokwenza okufanayo.

³¹ Kodwa bengiyoba, njengomKristu, ngathi, “Lokho akukho emgqeni wami wokushumayela, ngishumayela insindiso. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ku-Ishmayeli wayeyindodana ka-Abrahama, ayeyiyo, izibusiso. Ake ngikhulume kini ngalokho engikwaziyo ngakho. Ngingafakazisa kini ukuthi—ukuthi u-Isaka, ngo-Isaka kufika isibusiso, futhi hhayi ngo-Ishmayeli.” Ukuba ngangikade nginguDokotela wezobuNkulunkulu njengoba wayenjalo, ngangiyomphosela inselelo kulokho.

³² Kodwa bengiyothi, “Anginazo iziphiwo zokuphulukisa, nezinto, kodwa sinabazalwane enkolweni yamaKristu, u-Oral

Roberts, kanjalonjalo, ongaletswa enkundleni khona manje ongakuveza, futhi kuyiqiniso.” Bengiyobambebelela ezingeni lami lenkolo yobuKristu.

³³ Kodwa-ke i, i—iphepha laphuma, futhi nikubonile kwelithi *The Herald Of Faith*, wathi, “Kungani engawuphoselanga inselelo umhlangano . . . ? Kuthiwani-ke ezansi lapho eThekwini, eNingizimu Afrika, ngaleyontambama na?”

³⁴ Ngenkathi abakaMohamede wayehlezi lapho futhi babona ukwenza . . . Ngenkathi lowo wesifazane kaMohamede efika emsamo, uMoya oNgcwele wamtshela, wathi, “UngokaMohamede, kungani uze kimi na?”

Wathi, “Bengicabanga ukuthi ubungangisiza.”

Futhi ngathi, “Sewake walifunda iBhayibheli ngalokho uJesu akwenza, ukuthi Wazazi kanjani izimfihlo zehliziyo yabo na?”

“Yebo.”

Ngathi, “Ucabangani ngalokho na?”

“Awu,” wathi, “Ngikholwa ukuthi uJesu wagibela ihhashi futhi wagibela wenyukela eNkazimulweni, wagijimela phezulu eNkazimulweni. Wayengumprofethi.”

Ngathi, “Qhabo, Wabethelwa, wafa, wabuye wavuka, noMoya waKhe uyaphila lapha namhlanje.”

“Angazi ngalokho.”

³⁵ Ngathi, “Uma-ke Ebuya futhi enze into efanayo Ayenza ngaleyonkathi na? Ngabe lokho bekuyokufakazisa kuwe uma Ezokwenza khona lapha ngathi ngendlela efanayo Enza ngayo ngenkathi Elapha emhlabeni na?”

Wathi, “Yebo.”

Ngathi, “Sewake walifunda iTestamente eLisha na?”

“Izikhathi eziningi.”

³⁶ Ngase ngithi, “Awu-ke, uma Ezongembulela ukuthi ungubani, ukuthi uyini, nokuthi uzele ini lapha, obuyikho, nokuthi kuzokwenzekani kuwe, uzokwemukela na?”

Wathi, “Yebo.”

³⁷ Izinkulungwane zikaMohamede zihlezi phandle lapho. Futhi ngathi, “Bangaki kini bakaMohamede abazokwemukela na?” Ngenkathi umhumushi ekusho, izandla zaphakama.

³⁸ NoMoya oNgcwele uqala ukunyakaza futhi wamtshela ukuthi wayengubani, lapho evela khona, yimuphi udokotela aya kuye, ukuthi lalingubani igama lakhe, wakhuluma ngakho kanjalo, futhi wathi wayenesikhwanyana esinobomvu esibelethweni sakhe, futhi waphulukiswa ngalesosikhathi. Inkazimulo kaNkulunkulu yawa, nabakaMohamede

abayizinkulungwane eziyishumi bemukela uJesu Kristu njengoMsindisi oqondene naye siqu.

³⁹ Futhi yebo, ngaleyontambama angazi ukuthi bangaki abanye abezayo, balinganisela lapho izinkulungwane eziyishumi. Futhi ngenkathi, ngaleyontambama, ngenkathi lowomfana engaphilile ngisho nangokwengqondo, eholwa ngeketango lisentanyeni yakhe, ngenkathi uMoya oNgcwele umtshela ukuthi wazalwa kanjani, futhi wazalwa ngaleyondlela, watshela unina noyise, owayehlezi phandle ezethamelini, cishe ikhulu namashumi amahlanu, abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili, wayesethi, “Umfowenu, ucabanga ngaye, uphandle lapho ezethamelini, wayegibele phakathi kokuthi imbuzi emhlophe, noma emhlophe, noma, imbuzi ephuzi, nomainja, yalimaza amadolo akhe, uhamba ngezagila ezimbili, kodwa ISHO KANJE INKOSI, usephulukisiwe.”

⁴⁰ Futhi cishe ibanga lendlu yasedolobheni enhla ezinkundleni zemibukiso, nangu eza ephethe izagila zakhe, ememeza kakhulu, egxuma phansi naphezulu ngamandla akhe onke, waphulukiswa. Kwasithatha cishe uhhafu wehora ukubathulisa.

⁴¹ Khona-ke ngenkathi ngibheka emuva, futhi ngabona leyondoda embonweni imi lapho ngezinyawo zayo, ngokwejwayelekile njengoba ibingaba njalo, yayihamba ngezandla zayo nezinyawo *kanjalo*, ingekho kahle ngisho nangokwengqondo, ngenkathi ngikhuluma nayo, yayifuna ukungenzela u—umdanso, umdanso wesizwe, ngase-ke ngibuka, ngase ngiyibona imi lapho, ngazi ukuthi kwakuyikho. Lapho ubona lowombono, awuyikwehluleka.

⁴² Ngase-ke ngiqaphela izethameli, ngathi, “Bangaki phakathi lapha...? Nansi indoda lapha, empofu, indoda ekhubazekile, buka ukuthi ikusiphi isimo.”

Kwakukade kukhona udokotela waseBrithani lapho, komncane, umfana onezinxemu, wathi, “Mnu. Branham, wenzeni kuleyongane na?”

Ngathi, “Angikaze ngenze lutho.” Ngathi, “Angizange ngisho ngiyikhulekele. Bavele bayiphakamisa emsamo.”

⁴³ Wathi, “Ngiyibeke emsamo.” Wathi, “Ibinezinxemu ngenkathi idlula *lapha*, ichezuka *laphaya* futhi ayinazinxemu.” Wathi, “Wenze...Ngabe uyithwebulile leyonqane na?”

⁴⁴ Ngathi, “Dokotela, ngabe iNhlangothi yezaNyango yamaNgisi yakunika ilayisense ukuba usebenze ubudokotela na? Uthini ngawe wena waseBrithani wenza konke lokho kuthwebula na?” Ngathi, “Kungani ungawaqondisi amehlo ayo na?” Ngathi, “Uma ukuthwebula kuzoqondisa amehlo, nina bafo kungcono niqale ukwenza ukuthwebula.” Ngathi, “Ubuwazi ukuthi ibinezinxemu *lapho*.”

NoMfowethu Baxter uyenyuka futhi wamsusa. Ngase ngithi, “Myekeni. Myekeni akhulume.”

Futhi wathi, “Uzovele ubangele isiyaluyalu laphaya manje lapho, uthatha isikhathi naleyondoda.”

Futhi ngathi, “Awu, umzuzu nje.”

Wathi, “Kukhona engifuna ukukubuza khona.” Wathi, “Ngikholwa ukuthi kukhona uNkulunkulu, Ukuleyominduze.”

⁴⁵ Futhi, o, nina besifazane benifanele niyibone leyominduze. Iminduze iCalla ngama intshi ayishumi nesishiyagalombili ukuvundla, *kanjalo*, emihle ephuzi nemhlophe, yasendle, imila iphuma ngqo emenweni. Futhi umsamo wonke wawugcwele bona. Ngathi . . .

Wathi, “Kukhona uNkulunkulu, uhlobo oluthile lokuphila kulowomnduze, kodwa ngabe Uphatheka ngokwenele ukwenza lawomehlo omfana ayizinxemu amehlo aqonde ngqo na?”

Ngathi, “Umthathe emsamo, wamsusa ngapha.”

Wathi, “Ngabe lowoNkulunkulu ukhona na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane, Ulapha manje.”

⁴⁶ Waphumela ngqo kumayikrofoni, enkulu kakhulu, imayiki elenga *kanjalo*, ngoba sasidingeka sikhulume amabanga endlu yasedolobheni ezimbili noma ezintathu ngapha nangapha futhi emuva ngaleyondlela indlu yasedolobheni noma ngaphezulu, izinkulungwane zabantu ziphindwe kazinkulungwane, wathi, “Manje ngemukela uJesu Kristu njengoMsindisi oqondene nami.”

⁴⁷ Ngenkathi, ngahlangana naye eThekw- . . . eGoli ngenkathi sasihamba. Ngezwa umuntu othize empongoloza, “Mfowethu Branham!” Lokho, niyazi, ukukhuluma isiNgisi ngokwaseLandani abanakho; wagijimela phandle lapho e-erempini lapho babedwebe khona imigqa, nakho konke, amaphoyisa ashaya umugqa phansi naphezulu *kanje*, ukuze abantu bangakwazi ukuphuma lapho. Bangenyusela emotweni base bengihambisa, futhi ngaphumela lapho, futhi wathi, “Mfowethu Branham!” Wabhobokela wagijimela lapho, washo wangigaxa ngezingalo zakhe, waqala ukukhuluma ngezilimi, wayebizelwe ensimini yemishini. O, ngathanda kanjani ukutshela uDkt. Davis nabo lokho!

⁴⁸ Ngathi, “Enikubiza ngobuhlanya kwazuzela imiphefumulo eminingi kuKristu emhlanganweni owodwa kunamashumi ezinkulungwane, okuphindwe kazigidi zamadola esiwabeka ezithunyweni zenkolo iminyaka engamashumi amahlanu edlule e-Afrika.”

⁴⁹ Kunjalo. Yilokho-ke. Asikwenze kubale, mfowethu. Lamadola angakaNkulunkulu, futhi asikwenze kubalele uMbuso kaNkulunkulu, kubantu abakudinga ngempela.

⁵⁰ Lowomfana, ngenkathi esukuma, ngamtshela, ngathi, “Sukuma, uJesu Kristu ukusindisile.”

⁵¹ Wayengazi ukuthi ngangikhuluma ngani. Nomhumushi wantshela, wayesafuna ukwenza umdanso. Ngilibamba iketango ngase ngimphakamisa *kanje*, wayenebhande entanyeni yakhe njengesilwane. Futhi ngenkathi esukuma, wayephelele kakhulu... Okokuqala empilweni yakhe ukuba ake ame ngezinyawo zakhe. Izinyembezi ezinkulu zehla esiswini sakhe esimnyama kanjalo, futhi nango wama, ekahle ngokwengqondo, emi ngezinyawo zakhe.

⁵² Izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zawela emhlabathini. Futhi balinganisela—balinganisela izinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu izimangaliso ezigqamile ezenzeka ngayo leyonkathi. Kwakungasekho okwakudingeka bakhulekelwe, behla emibhedeni eyizinhlaka, izinhlaka, izihlalo ezinamasondo, konke okunye. Futhi ngakusasa ekuseni, kwakukhona imithwalo yamaveni amakhulu ayisikhombisa, lawa amakhulukazi, amaveni amade ase-Afrika, enqwabelene egcwele izinduku zokuqhubela nezihlalo ezinamasondo, futhi ayehla ngomgwaqo.

⁵³ USidney Smith, imeya yaseThekwini, uza efasiteleni, wathi, “Buka phandle esitaladini.”

⁵⁴ Babelapha, babesezimpini zezizwana, benokuthula omunye nomunye, behamba behla ngezitaladi, becula, “Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.” O! Mm!

⁵⁵ Ngeke saba nalolohlobo lomhlangano eMelika, sazi kakhulu, sazi kakhulu ngakho, niyabo, sihlakaniphe kakhulu ngalokho, niyabo. Qhubeka, sigeja izibusiso nje, yilokho kuphela, niyabo. Thina... Manje, nina bantu ningaba nakho lokho, impela, ningakubona kwenzeka lapha, kodwa ngiqonde isizwe, kanjalo silapho. UNkulunkulu akubusise.

⁵⁶ Mfowethu Kopp, ngabe ulapha kulobubusuku na? Ngi... uMfowethu Kopp, uMfowethu Leroy Kopp, ubelapha emihlanganweni. Bengifuna ukumncoma ngalolodatshana alubhalile, *AmaJuda Afuna Izibonakaliso*, wayekhuluma ngenkonzo yami phakathi lapho. Futhi uma ulapha, Mfowethu Kopp, futhi ulalele iphimbo lami, mina, impela, ngiza kwa-Israyeli. Yilokho...

⁵⁷ AmaJuda afuna ukubona isibonakaliso somprofethi, akholwa ukuthi uMesiya uzoba ngumprofethi, asakukholwa.

⁵⁸ Bangaki abezwa ngoLewi Pethrus na? Impela, nezwa, inhloko yebandla laseStockholm, iBandla lasePhiladelphia, umnyakazo wePentecostal omkhulu kunayo yonke emhlabeni. Futhi wathumela isigidi samaTestamente eLisha ezansi.

⁵⁹ Bangaki abake balibona iphephabhuku i*Look neLife*, likhombisa lawo mabhanoyi engena, ephethe lawomaJuda

ezansi e-Iran, konke ezansi phakathi lapho, cishe nje eminyakeni emibili noma emithathu edlule na? Yilapho abathola khona udatshana, *Imizuzu Emithathu Ngaphambi Kwaphakathi Nobusuku*.

⁶⁰ Manje, ngenkathi bebanika lawo maTestamente, bafunda kusukela ngemuva kuya ngaphambili, futhi niyazi ukuthi isiYiddish sibhalwa kanjani, futhi athi, “Uma Lona enguMesiya, Wethembisa lokhu, asiMbone enza isibonakaliso somprofethi. UMesiya uzoba ngumprofethi, asiMbone enza isibonakaliso somprofethi futhi sizoMemukela.”

⁶¹ O, he, lokho kwashukumisa inhliziyo yami! Khona impela ezinkundleni ezifanayo lapho uMoya oNgcwele wehla khona okokuqala.

⁶² Niyabo, ungeke waba nezihlakani. Awumgawuli uNkulunkulu abe yizicucu ezine noma ezinhlanu bese uMnika iJuda, lifanele lazi ukuthi linoNkulunkulu. Ngakho-ke... Ngakho li...I—isihlakani asisoze sasebenza nalo. Qhabo, mnumzane, sifanele sikwazi.

⁶³ Futhi ngakho-ke, ngacabanga, “Lokho ngeke yini kumangalise uma ngingadonsa cishe amakhulu amahlanu awo ndawonye phandle lapho, futhi ngithi, ‘Phumani phakathi kwenu, nilethe amanye amadoda lapha, nibone uma uMesiya esenguye umProfethi,’ futhi khona impela kulowomhlabathi ofanayo lapho eMemukela khona njengoMsindisi, bese-ke ngibacela ukuba baphakamise izandla zabo futhi bemukele uMoya oNgcwele?”

⁶⁴ Isikhathi esinje pho! Niyazi ukuthini? Lokho kuzoqeda isimiselo sesikhathi sabeZizwe, iVangeli lizohamba amaJuda, bayoba yizithunywa zenkolo kubantu babo—babo ngakho. U-Israyeli uyisizwe, sonke siyizizwe, kodwa u-Israyeli uyisizwe, noMbuso uzobuyela ku-Israyeli, ngolunye usuku, njengoba u-Isaka asho kuJosefa, “Umvini uzobuyela phezu kodonga, ngoluny’usuku.” Kunjalo.

⁶⁵ Manje, ngiyabonga kakhulu, ngamunye wenu, ngomusa wenu, konke ukubambisana kwenu okuhle. Ngifuna ukubonga uMkhandlu weFull Gospel Business Men, ngokuba ngikholwa ukuthi lokhu kungokukathathu, kabili noma kathathu kulandelana bengixhasile ngilapha, ukubambisana okuhle kwenu befundisi. UNkulunkulu abe nani nonke. Kwangathi umkhandlu ungakhula, kwangathi amabandla enu angakhula, kwangathi iNkosi ingathola inkazimulo kukho konke okwenziwe noma kwashiwo.

⁶⁶ Ngifanele ngihambe kusesekuseni ekuseni manje ngiye eTacoma, bese kuthi-ke ngisuke lapho ngiwelele eYakima. Futhi ngilinde isikhathi sokuya phesheya kwezilwandle, ngokushesha nje engingakwenza, ukwenza uhambo lomhlaba phakathi kwabalahlwa baseYurophu, nase-Asiya, naseMpumalanga,

nase—naseMpumalanga Ekude, kanjalonjalo, ukushumayela iVangeli.

⁶⁷ Uma kwenzeka ngingabuyi futhi, ngizohlangana nani ngaphesheya komngcele ngaleywa. Uma nihamba, futhi ngibuye futhi ukuzonibona, ngithemba ukuthi ngizokwenza, kodwa uma nihamba ngaphambi kokuba ngibuye ngaleyonkathi, ngisafuna ukunitshela: ngizohlangana nani ngaphesheya komngcele ngobufakazi obufanayo enginabo manje: UJesu uyasindisa futhi uyaphulukisa, Unguye izolo, namuhla, naphakade. UNkulunkulu anibusise njalonjalo.

⁶⁸ Uma ngingaba yinzuzo kini, usizo, ngithumeleleni ikhadi, incwadi iletha, noma yini. Uma ni...Nazi izindwangu zomkhuleko zibekwe phezulu lapha, uma ungenayo eyodwa phezulu lapha kulobubusuku, ufuna eyodwa, vele ungibhalele: Post Office Box 325, Jeffersonville, Indiana. Faka eyodwa eBhayibhelini lakho eZenzweni 19, odabeni oluphuthumayo, ibeke phezulu kwabagulayo nabahluphekile.

⁶⁹ Akukho nkokhelo kukho, akukho lutho, ngezinye izikhathi abantu bangithumelela imadlana ukungisiza ngikhokhele izitembu, ngikhokha amakhulu amadola ngeviki ngezitembu. Kodwa bona, ngezinye izikhathi bona...Awudingekile, lokho akudingekile, kodwa uma wenza, yilokho abakwenzayo ngakho.

⁷⁰ Futhi konke kulawulwa ngetabernakele, akukho lutho oluza kimi, konke kuseTabernakele lika-Branham, yileyo ndlela obekuhlala kunjalo ngayo. Bengihlala njalo ngifakaza kani, emuva naphambili izikhathi eziningi, ukuthi yonke imali eyenziwe ivela e, ngithola iholo, futhi yonke imali eyenziwe ivela emihlanganweni ingena etabernakele, futhi isetshenziselwa izimishini zakwamanye amazwe, kunjalo, ukusiza ukusabalalisa iVangeli, ngalutho olunye kodwa ukusabalalisa iVangeli, yilokho kuphela. NeNkosi inibusise.

⁷¹ Manje ngifuna ukunicela umusa ngaphambi kokuba ngiqale ukushumayela kini okwesikhashana nje. Ngethembise ukukhulekela wonke umuntu one—nekhadi, futhi ngicabanga ukuthi sinabaningana lapha. UBilly ukhiphe onke, isigeyane esigcwele sawo esikhashaneni esedlule, ushule, ngakho ngifuna ukubadlulisa emgqeni futhi ngibakhulekele. Futhi manje sifuna ukuthola into ethize encane ukwakha ukukholwa okuthile. Bangaki kini abazongikhulekela, umuntu othize okudinga ngempela na? Ngiyabonga. Njengoba ngihamba, ngisekushintsheni nje manje phakathi kwenkonzo eyodwa nenye, futhi njalo kuqala into ethize encane. Futhi manje ngi—ngi—ngilinde eNkosini. Futhi qinisekani ukuthi niyangikhulekela, ngiyakudinga ngempela.

⁷² Mfowethu Rose, ngabe unikeze ubufakazi bakho lapha ngokuthi uNkulunkulu ukuphulukisile kanjani, nezinto na? Benifanele nikwenze lokho. Futhi kungubufakazi obukhulu.

Siyamthanda lomfowethu. U...Umkami umesabela ukufa, indoda kuphela eyake yamyisa emsamo. Wayehlezi phansi lapho, enamahloni kancane, enovalo, akafuni ngisho nokuthi ngithi usemhlanganweni, niyazi. Kwase kuthi-ke, enamahloni kakhulu, noMfowethu Rose wathi, "SinoDadewethu Branham lapha kulobubusuku. Yenyukela ngqo emsamo."

Wathi, "Ngiyesabela ukufa leyondoda."

⁷³ Uma kukhona ukudunyiswa okuya emndenini ka-Branham, makuye kuye, nguye okumfanele, umkami, omunye wabesifazane abangamaKristu abakahle kunabo bonke engibaziyo ezweni. Uphakathi kwabaKhethiweyo, ngiqinisekile. UNkulunkulu njalo abusise umphefumulo wakhe oyiqhawe, umvuzo wakhe mkhulu ngakolunye uHlangothi.

⁷⁴ Manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini, asisondele kuMqalisi ngomkhuleko. Bangaki ofuna ukukhunjulwa kulobubusuku, njengoba niphakamisa izandla zenu na?

⁷⁵ Baba wethu waseZulwini, sithatha isikhathi. Asazi ukuthi kuzokwenzekani phakathi kwamanje nesikhathi esilandelayo esihlangana ngaso, singahle sibe ngaphesheya komfula kwelinye iZwe. Uma lokho kuba unkatho lwethu, Nkosi, khona-ke kwangathi sonke singaba khona ngalolosuku. Ngikhuleka kuWe, Nkulunkulu onomusa kakhulu, ukuthi akuzukubakho noyedwa umuntu olahlekile ngalolosuku, kwangathi wonke umuntu angaba lapho, wonke umuntu olapha kulobubusuku, sonke isoni singasindiswa, wonke ongwele angaqhubeka, ebambelele kuze kufike ukuphela. Kwangathi amhlabuki angabuyela enhlanganyelweni futhi, mazise ukuthi akahambile, ususiwe nje yizono zakhe, nenkucunkucu embi yenkulumo kadeveli imsusile emgwaqeni omkhulu. UNkulunkulu uyavuma kulobubusuku ukumbuyisa.

⁷⁶ Letha uMlilo ebandleni, Nkosi, uMlilo kaMoya oNgwele. Phulukisa abagulayo nabahluphekile. Busisa labo abadingayo, sonke isandla esiphakamile. Nkulunkulu uSomandla, Wazi sonke isidingo abanaso; bayigugu enhliziyweni yami. Futhi uma beyigugu enhliziyweni yami, bayigugu kangakanani enhliziyweni yaKho na? Ngokuba Wanikela ukuphila kwaKho ngenxa yabo. Futhi ngokubuyisela, Nkosi, Wangigcoba, futhi wangithuma ukuba ngishumayele izindaba ezimnandi zaloMlayezo omuhle weNkosi uJesu kubo, ngokukhombisa izibonakaliso nezimangaliso zokuvuka kwaKhe nokubonakala kwaKhe masinya. Siyakubonga ngalokhu, Baba.

⁷⁷ Futhi sikhulekela ukuthi, kulobubusuku, lapho inkonzo isiphelile, akuzukubakho noyedwa ogulayo noma umuntu obuthakathaka phakathi kwethu. Sijabule kakhulu kulobubusuku, Nkosi, lapho izihlalo ezinamasondo eziningi, ezine noma ezinhlanu zazo, bezihlezi lapha ekuqaleni, asiziboni kulobubusuku, siyazi ukuthi abanye babo bayahambahamba,

abanye babo ufakaza ngokuphulukiswa kwabo. Abantu abahamba ngezinduku zokuqhugela, labo abagulayo nabahluphekile, inkathazo yesisu, inkathazo yenhliziyi, manje bajabulela impilo enhle, lokho kusho okukhulu kakhulu kimi, Nkosi, okukhulu kakhulu kubo, ukwazi ukuthi sibona izibonakaliso zeNkosi ekamu. Siphe khona, Nkosi, ukuthi Uzohlala njalo enathi. Futhi sizoMthanda futhi siMkhonze, size siMbone ubuso nobuso.

⁷⁸ Busisa amaZwi manje esiwafundayo, futhi kwangathi Lingaba yiSibani, ukuKhanya endleleni yethu ukuze kusiqondise sisondele kuYe. Siyacela, eGameni laKhe eliligugu. Amen.

⁷⁹ Asiphenye kulobubusuku emiBhalweni emibili engiyikhethele inkonzo yokuvala, nenye yayo nguLuka esahluko 1, nenye nguMathewu 24:35. Asifunde, siqale ukufunda uLuka esahlukweni 1 sikaLuka, siqale evesini 26. Manje lalelisani njengoba sifunda:

Ngenyanga yesithupha ingelosi uGabriyeli yathunywa nguNkulunkulu emzini waseGalile, othiwa iNazareth,

Entombini emiselwe indoda egama layo linguJosefa, yendlu kaDavide; igama lentombi lalinguMariya.

...ingelosi yangena kuye, yathi, Bayethe, wena... uphiwe umusa, iNkosi inawe: ubusisiwe wena phakathi kwabesifazane.

Lapho eyibona, wethuka ngezwi layo, efaka enhliziyweni yakhe...engqondweni yakhe ukuthi lokhu kuyakuba-kubingelela kuni.

Ingelosi yathi kuye, Ungesabi, Mariya: ngokuba ufumene umusa kuNkulunkulu. (Makabongwe uNkulunkulu!)

Futhi, bheka, uzakukhulelwa, uzale indodana, uyiqambe igama lokuthi uJESU.

Futhi Iyakuba-nkulu, ibizwe ngeNdodana yoPhezukonke: iNkosi uNkulunkulu iyakumnika isihlalo sobukhosi sikayise uDavide:

Iyakubusa phezu kwendlu kaJakobe kuze kube-phakade; nombuso wakhe awuyikuphela.

Wayesethi uMariya engelosini, Lokhu kuyakwenzeka kanjani, lokhu ngingazi-ndoda na?

...ingelosi yaphendula yathi kuye, UMoya oNgcwele uyakuza phezu kwakho, namandla oPhezukonke akusibekele: ngakho-ke okungcwele okuzakuzalwa nguwe kuyakuthiwa iNdodana kaNkulunkulu.

Futhi, bheka, u-Elizabethhe umzala wakho, naye ukhulelwe indodana esemdala: nale yinyanga yesithupha kuye, owayethiwa inyumba.

Ngokuba akukho lutho olungenzeke kuNkulunkulu.

...UMariya wathi, Bheka ngiyincekukazi yeNkosi; makube kimi njengezwi lakho. Ingelosi yasuka kuye.

⁸⁰ UMathewu 24:35:

Kuyakudlula izulu nomhlaba, kepha amazwi ami awasoze adlula.

⁸¹ Manje ngifuna ukukhuluma kulobubusuku, iNkosi ithanda, phezu kokuthi *IZwi LikaNkulunkulu Elingaguqulekiyo.*

⁸² Angazi noma uMiner Arganbright ukhona yini esakhiweni, uMfowethu Arganbright. Ngike ngambona emihlanganweni ethi ayibe mibili, futhi ngibe nomlayezo wakhe. Kodwa ngi—ngiyakholwa... O, yebo, ngifuna ukuqiniseka ukukubona, uMfowethu Arganbright. Ngifuna ukuhlangana nawe Okthoba zingama 20. Uyaluqonda lololwimi. Kungani baze babiza lendoda ngo*Mncinyana*, angazi, ngeke ngivumelane noyise nonina, kuphela ngaphandle uma kungaba semumweni wakhe, ngoba, unenhliziyo enjengesiqhwaga.

⁸³ Bangaki owazi uMfowethu Arganbright na? Angikusho lokhu ebukhoni bakhe, bengizokusho ukuba ubengekho lapha, umfowethu okahle nowakhe onomoya omuhle, omncane, unkosikazi ongumIrishi. Ngike ngaba semakhaya abo, kade nginaye ebumnyameni nasezindaweni, ezinamandla, ezinomoya omuhle, ezinhle, izithandani ezingamaKristu. Ngikhulwa ukuthi uvela ngapha eduze ndawondawo lapha, ubesemhlanganweni, futhi, angazi noma ukhona yini kulobubusuku noma qha. Wonke umuntu omaziyo, uyisithandwa kubo bonke, kumkhwenyana wakwakhe, noma abantwana, bonke omakhelwane, yonke into kulokho esikubiza ngokuthi iZion Hill ezansi lapho, uyisithandwa sommango. Ngakho, siyajabula ukuthi uMfowethu Arganbright ubalwa phakathi kwalabo abahlengiwe, noDadewethu Arganbright. INkosi mayibabusise kakhulu.

⁸⁴ Manje, kwase kuthi akuphume ilanga, ngicabanga ukuthi kwakungu—ukusa okuhle, kufanele ukuthi kwakukade kwenzeka cishe ngalesisikhathi sonyaka, cishe uJulayi. INgane yazalwa ngo-Aphreli. Ngiyazi isiko lithi uDisemba, kodwa lokho akunakwenzeka nhlobo, leso yisivumokholo. Yayingeke izalwe ngoDisemba futhi abelusi bezimvu besemagqumeni, amafidi ayisithupha noma ayisishiyagalombili eqhwa lapho ngalesosikhathi. Ngakho, Yazalwa ngo-Ephreli lapho yonke impilo yobusha ngokuvamile ivela khona, ngalesosikhathi.

⁸⁵ Wayesendleleni eya emthonjeni, futhi lapho incekekazi encane ihambahamba ngasesitaladini ine—nembiza encane enezibambo ezimbili ekhwapheni layo, yayihamba ukuyokha

amanzi asekuseni. Futhi kufanele ukuthi kwakusesekuseni kakhulu, futhi kwakungoMsombuluko, ngiyacabanga. Futhi mhlawumbe yayidingeka ihambe kaningana, ngoba, ngokwejwayelekile, uMsombuluko wusuku lokuwasha. Ngabe kunjalo, bodadewethu na? Kungaleyondlela endlini yethu, nansuku zonke, ngakho, nesigejane sabantwana.

⁸⁶ Kodwa ngokwejwayelekile bakubiza ngoMsombuluko oLuhlazana ngenxa yabesifazane bewasha ngoMsombuluko. Ngangivame ukukubiza ngoMsombuluko oLuhlazana, ngoba ngangidingeka ngithwale amanzi cishe isigamu semayay ukusuka emthonjeni, ngiwathululele eketeleni elidadlana, elikhulu ngaphandle, bese-ke ngicanda izinkuni bese ngilubeka ngaphansi. O, he, ngiyababula ukuthi banompompi abakhulu bamanzi kulezizinsuku.

⁸⁷ Kwase kuthi-ke, lapho yehla ngomgwaqo, yayicabanga ngosuku olungaphambili, nge-ngendaba okwakukade kukhulunywa ngayo yiyo nomyeni wayo oyethembise umshado, noma umyeni othembise umshado, lapho behlezi egosini, njengoba umkhuba wabo wawunjalo, emva kwezinkonzo zasekuseni, njengoba babeya esontweni lapho eNazaretha. Futhi baphuma, bahlala phandle egosini emva kokudla kwasemini.

⁸⁸ NoJosefa, wayezoba ngumyeni wayo, wayengumbazi, futhi wakha izakhiwo ezinhle. Kodwa manje, wayakha eyodwa eyayifanele ibe nokunakekela okukhethekile kulona, ngoba wayeyisa umlobokazi wakhe omuhle, omncane kulona.

⁸⁹ Futhi sizosho ukuthi kusukela egosini, egosini elingaphambili, lapho ababehlezi khona, mhlawumbe kwakubheke eningizimu, nelanga liyoba nxazonke ngakolunye uhlangothi, nezinkazimulo zasekuseni ezizungeze igosi elincane zenza umthunzi. Futhi babekwazi ukubuka ngaphesheya kwesigodi, naphezulu ohlangothini lwegquma lapho lendlu encane yayigxunyekwe khona. Futhi yonke iminyango yayifanele nje ibe nokuthinta okuthile ukuthi uMariya wayengeke ashove kanzima, ubengavele nje awuphushe, futhi ubuyovaleka kalula. UJosefa wayefuna ukubhekana nalokhu, kufanele kube nokukhethekile, ukwengeza okuncane kukho.

⁹⁰ Futhi njalo ngeSonto isiko labo laliyo, bahlale phandle lapho futhi babuke ngaphesheya kwesigodi, futhi bakhulume ngokuthi isango elincane lifanele libe kanjani nokubumbeka kwenhliziyo kulo, ngoba babesothandweni, netafula elincane, ukuthi lifanele lakhiwe kanjani, nafenisha yabo yayingeni endlini.

⁹¹ Futhi njengoba behlezi lapho ngalolusuku emva kokuba ukudla kwase kuphelile, no-Ana, umama ongumfelokazi kaMariya wa, wathi, “Bantwana, qhubekani niphumele egosini, futhi ngizogeza izitsha namhlanje.”

⁹² Futhi lapho esageza izitsha, noJosefa wahlala waqhiyama futhi waqhosha ngokupheka, kusobala, futhi—futhi babebuka

ngaphesheya, babephawula ngentshumayelo abayizwa ngalokho kusa.

⁹³ “O,” uMariya wathi, “Josefa, akuyixhuxhumisanga yini inhliziyo yakho ngenkathi urabi ekhuluma ngoNkulunkulu omkhulu Ophezu kwabantu bakithi na? Akukuxhumisanga yini ngenkathi urabi ethathe indikimba yakhe ngale kuGenesisi, noma, u-Eksodusi cishe isahluko 13, lapho athi khona leyoNsika yoMlilo yeNgelosi kaNkulunkulu iyohamba phambi kwabo na? Nokuthi uNkulunkulu wahlangana kanjani noMose, umprofethi omkhulu, kuleyoNsika yoMlilo, futhi wakhuluma naye kwingemuva logwadule, futhi uJehova wayebakhumbula kakhulu abantu baKhe basendulo, u-Israyeli, ukuthi Wayengenakubakhohlwa, nokuthi Washo kanjani ukuthi, ‘Ngikubonile ukukhandleka kwabo nezinsizi zabo. Ngiyalikhumbula iZwi laMi, futhi Ngehlile ukubakhulula.’

“O,” wathi, “Josefa, lokho akuyixhuxhumisanga yini inhliziyo yakho ngenkathi u—urabi ethi, ‘UNkulunkulu wathi, “Ngiyalikhumbula iZwi laMi, isithembiso saMi”?’”

⁹⁴ “O, kwenzile, Mariya, kuyixhuxhumisile inhliziyo yami. Nokuthi wehlela kanjani lapho eGibhithe, lomprofethi omkhulu, wakhombisa izibonakaliso ezinkulu nezimanga, wabakhiphela oLwandle oluBomvu, futhi uJehova wavele nje wavula uLwandle oluBomvu. Ngenkathi belambile, uNkulunkulu waphephetha izigwaca futhi wabondla. Ngenkathi bomile, bakhuluma eDwaleni, bathola amanzi Lapho. Futhi konke lokho ababekudinga, uJehova waqinisekila ukuthi kwanakekelwa. Ngenkathi begula, futhi balunywa yizinyoka, futhi babonile, uJehova wathuma uMose ukuba enze inyoka yethusi futhi ayibeke esigxotsheni.”

“Bekuyini incazelo yakho yalokho Josefa, s’thandwa sami na?”

⁹⁵ “Awu, Mariya, ngikholwa ukuthi lokho bekusho ukuthi kuyobakhona umnikelo wesono ngoluny’usuku. Ukuthi leyonyoka yethusi, ithusi lalichaza ukuthi, inyoka uqobo lwayo yayiyisono esesivele sehlulelwe, nalelothusi kwakungukwahlulela ngokukaNkulunkulu, nokwahlulela ngokukaNkulunkulu kwakuyoba phezu koYedwa ngoluny’usuku, futhi kuyoba ukubuyisana kokuphulukiswa kuze kube phakade. Leyonyoka yethusi yayisho lokho, ngiyakholwa.”

⁹⁶ Futhi lapho behlezi lapho futhi bexoxa, kodwa wathi, khona manjalo, “Kodwa uqaphelile, uyonile intshumayelo yakhe? Khona impela ekupheleni kwentshumayelo yakhe, wathi, emva kokusho ukuthi uJehova wayemkhulu kanjani, ‘Manje, zonke lezozinsuku sezedule, uJehova akasazenzi izimangaliso. Ayikho into okuthiwa uNkulunkulu ake enze ukuphulukisa kwabagulayo, noma enza noma yini enjalo. UJehova usilindele

nje ukuba sibe ngabaFarisi abalungileyo, nokuba siye esontweni, nokukhokha okweshumi kwethu neminikelo yethu ebandleni, futhi siMakhele indawo enhle, futhi siye lapho futhi sihube amahubo njalo ngeSabatha ekuseni futhi siMkhonze. Yilokho uJehova akulindele kulezizinsuku.’

⁹⁷ “Uyazi, Josefa, bekul’khuni ukuba ngivumelane norabi okahle kulokho. Ngiyakholwa uma Wayelokhu enguJehova, UsenguJehova; uma Wake waba ngusomandla, Usengusomandla.”

⁹⁸ Niyazi, uNkulunkulu njalo unensali yabantu ezoMkholwa, ndawondawo. Uhlala njalo enensali, omunye Angabeka izandla zaKhe phezu kwakhe, njalo unaye futhi uzohlala njalo enaye.

⁹⁹ Khona-ke, lapho ehamba eqhubeka kancane, wakhumbula futhi, lapho behlezi phandle lapho e—igosi futhi wayexoxa, kwakungumkhuba wabo ukufunda imiBhalo ngeSonto ntambama, ngakho-ke ubuyela endlini, bese ekhipha ubhasikidi omncane, bese ekhipha imiBhalo egoqwayo.

¹⁰⁰ Ngalezozinsuku kwakungekho encwadini enjengalena, kwakungumbhalo ogoqwayo, isahluko esisodwa ngo-Isaya, noJeremiya, futhi zonke zazifakwa esikhumbeni embhalweni ogoqwayo, futhi zasongwa, futhi zafakwa kubhaskidi. Babengenalo iphepha ngalezozinsuku, ngakho babekubhala esikhunjani esasishukiwe.

¹⁰¹ Ngakho, wathi, “Josefa, khetha umBhalo ogoqwayo wokufundwa kwalentambama, kuleliSonto ntambama.”

Futhi wathi, “O, Mariya, finyelela phakathi uwuthole, s’thandwa.”

Futhi wafinyelelisa ezakhe ezinhle, izandla ezincane phakathi lapho amehlo akhe ebaneka, wacosha umBhalo ogoqwayo wase emnikeza wona.

Wathi, “Uyazi, Mariya, ngingathanda ukukuzwa ufunda.”

¹⁰² Futhi wayeno-Isaya, futhi wafunda phansi ku-Isaya, futhi uqala ukufunda aze afike ku-Isaya 9:6:

*...sizalelwe umntwana, siphiswa indodana:
umbuso uyakuba semahlombe akhe: negama lakhe
liyakuthiwa oMangalisayo, uMluleki, . . . UNkulunkulu
onamandla, . . . INkosi yokuThula.*

¹⁰³ Futhi wama, wayesethi, “Josefa, ufundiswe kahle emiBhalweni, wayekhuluma ngani umprofethi ngenkathi esho lokhu: ‘Sizalelwa iNdodana?’”

“Awu,” uJosefa wathi, “Mariya, ngikholwa ukuthi wayeqonde uMesiya, uMesiya ozayo uMose akhuluma ngaye.”

“Awu,” wathi, “Josefa, ubeyoba kanjani uMesiya na? Ngabe Uzoba ngomunye uNkulunkulu na? Noma Uzoba . . .? Uzoba nabudlwelwano buni noNkulunkulu na?”

UJosefa wathi, “Uzoba nguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. UNkulunkulu uzobonakaliswa kuleNdodana Azoyidala.”

“Awu Uzoyidala kanjani leNdodana na?”

¹⁰⁴ “O, Mariya wami othandekayo,” uJosefa kufanele ukuthi wathi, “Uyazi, u-Isaya washo futhi ku 7:14 lapho, ukuthi ‘Intombi iyakukhulelwa, izale iNdodana, futhi Iyakuba ngu-Emanuweli, uNkulunkulu unathi.’”

¹⁰⁵ O, amehlo akhe amahle kufanele ukuthi abaneka. Futhi lapho ukuhlwa kusondela ebumnyameni, balungiselela ukuya esontweni ukuyozwa omunye umlayezo ovela kurabi, nomBhalo ogoqwayo wasuswa.

¹⁰⁶ Futhi lapho ehamba ngalokho kusa, wayecabanga ngalezozinto, futhi wajika ikhona. Futhi ngenkathi ejika ekhoni, ngikholwa ukuthi ukuKhanya kufanele ukuthi kwabaneka, futhi wabheka phezulu, nelanga elihle laseGalile laliphuma. Kwakukhona... Ufanele ukuthi wayecabanga ukuthi kwakungukulokoza okuvela edwaleni elikhazimulayo, noma ucezu oluthile lwensimbi, olupholishwe kahle; babengenayo ingilazi ngalezozinsuku, angicabangi. Ngakho ba... Kufanele ukuthi wacabanga okuthile, kodwa ukuKhanya kwabonakala kubaneka phambi kwakhe, waqalaza, akabonanga lutho, futhi waqala ukuqhubeka.

¹⁰⁷ Niyazi, kunjengoba sicabanga ngaYe, yilapho Esondela khona kithi. “Sondelani kiMi, nami Ngizosondela kini,” isho iNkosi. Ukuba besingagcina ingqondo yethu iqhele ezintweni zezwe, nobuwula obuningi kangaka esingenamsebenzi wokucabanga ngabo! “Ukuzindla kwenhliziyo yami makwamukeleke kuWe, O Nkosi.”

¹⁰⁸ KwakungePhasika lokuqala ngenkathi abaphostoli ababili, uKleyophase nomngane wakhe, wayesendleleni eya e-Emawuse, lapho babekhuluma ngaYe, ukuthi Waphuma ehlathini futhi uqala ukukhuluma nabo. Wayese-ke Ezazisa kubo ngokwenza isimangaliso, njengoba Enza nje ngaphambi kokubethelwa kwaKhe. Futhi bagijima babuyela emuva ngokuphuthuma, base bethi, “Qiniso, iNkosi ivukile, futhi ibonakele kithi.”

¹⁰⁹ Manje, uMariya wayecabanga ngaYe, futhi lapho eqhubeka, khona manjalo, wabuye waphakamisa ikhanda lakhe, wayeqinisekile ngalesosikhathi. Okumi ngqo phambi kwakhe, kwakungukuKhanya okukhulu, mhlampe iNsika yoMlilo efanayo eyahola uMose ehlane, nabantwana bakwa-Israyeli. Ehamba ephuma kulokhu kuKhanya, mhlampe kugqame kakhulu kunokukhanya kwelanga, kwafika iNgelosi enkulu uGabriyeli, futhi Wathi, “Yethi, Mariya,” ngamany’amazwi, *yima*, “ubusisiwe wena phakathi kwabesifazane, ngokuba ufumene umusa kuNkulunkulu.”

110 O, ukubingelela okunje pho! Kwethusa intombi encane. Kuyokwethusa lapho iNgelosi. . .

111 Omunye wathi kimi, “Mfowethu Branham, lapho ubona lowo evela, ungubani yena na?”

Ngathi, “Angazi, angikaze ngibuze igama lakhe, ngiyesaba kakhulu lapho ekhuluma.”

Wena uthi, “Awu, bengiyombuza.”

112 Qhabo, ubungeke, awukwazi ukucabanga ngalutho, uvele uma nje unganyakazi.

113 O, umuzwa onje pho okufanele ukuthi waba nawo, ngebhakede lakhe, eya emthonjeni ukuyokha amanzi, futhi lapho endleleni yezinyawo kwakuyileyoNgelosi imi lapho futhi imtshela ukuthi wayethole umusa emehlweni kaNkulunkulu!

114 Futhi uqala ukumxoxela indaba, wathi, “Uyamkhumbula umzala wakho, uMariya na? Igama lakhe ngu-Elizabethhe, ungumkaZakariya, umpri.” Futhi ngenkathi uZakariya, umpri, wayesemdala nomkakhe wayesemdala, kodwa babeyizinceku zangempela zeNkosi, babelindele induduzo ka-Israyeli, ukuFika kukaMesiya.

115 Niyabo, uNkulunkulu unensali ndawondawo, umuntu othize ubhekile futhi ulindle, ubehlala njalo, uyohlala enjalo. Babebheka usuku nosuku, futhi bagcina yonke imiyalo yeNkosi. Kodwa u-Elizabethhe wayeyinyumba, wayengenabantwana.

116 Ngalezozinsuku kwakuyihlazo ukungabi nabantwana, manje kuyihlazo ukuba nabantwana. Sekuguquliwe, ubungaqoka ukuthengainja encane futhi uyinike uthando lomntwana, bese eyihola ngapha nangapha, bese uyifaka emotweni, futhi o he! Mm! Leyonto enukayo! Uyimbambathe futhi udlale nayo, bese-ke wenza ipani lamabhisikidi. Angikholelwa kulokho, ngizonitshela lokho khona manje. Inja ilungile, kodwa indawo yayo iphandle esibuyeni, hhayi endlini. Ngakho-ke, empeleni, ngizolimaza imizwa yenu manje uma ngingabhekisisi, ngakho. . .Kulungile, empeleni, makuhambe lokho. Kakhulu, mhlawumbe lowo ngumbono wami uqobo.

117 Kodwa wayefuna ingane, nomyeni wakhe wayesemdala, futhi wayesedlule eminyakeni yokuzala. Futhi umyalo kaZakariya ethempelini wawungukushisa impepho abantu besakhuleka. Futhi ngenkathi esashisa impepho, ngakwesokudla se-altare kwafika iNgelosi, uGabriyeli. Nike naqaphela, emiBhalweni kuLuka lapho, kuthi, “Ngakwesokunene sakhe,” ngakwesokunene se-altare.

118 Nike nayiqaphela eyodwa izinkonzo zami zokuphulukisa, ngiletha abantu bevela kwesokunene sami, ngoba iNgelosi yeNkosi njalo iza ngakwesokunene sami. Ngifuna ihlangane nabantu, ukuze bezoba nogcobo lapho bekhuphukela lapha ukuthi ingabatshela futhi ibabusise.

¹¹⁹ Ngakwesokunene se-altare kwakumi iNgelosi yeNkosi, futhi yathi, “Zakariya, uNkulunkulu uyiphendulile imikhuleko yakho.”

¹²⁰ Niyabona ukuthi hlobo luni lwekhaya iNgelosi eza kulo na? Ikhaya eligcina imiyalo kaNkulunkulu, ikhaya labantu abahamba ngobuqotho phambi kukaNkulunkulu. Uma ufuna ukuhlonishwa yiNgelosi ivakashela ikhaya lakho, yiba nekhaya elilungele ukuba ilivakashela, elilungiselelwe futhi lilungele phansi kweGazi leWundlu. IziNgelosi zeNkosi ziza ezindaweni ezinjalo.

¹²¹ Qaphelani, ungeke wahamba nezwe futhi ulindele uNkulunkulu ukuba ahambe nawe. IziNgelosi ngeke zikuvakashela, noma lutho olunye, ngaphandle kwezwe, ngoba ungeke waxubanisa uNkulunkulu nezwe ndawonye, abayikuxubana. UNkulunkulu ungcwele, wehlukani siwe nezwe.

¹²² Futhi indlela kuphela Ayoke akubone ngayo yilapho Ebuka ngeGazi, njengoba ngishilo ngokunye ukusa, okubomvu ngokubomvu kubukeka kumhlophe. Angeke abuka ngesivumokholo, Angeke abuka ngehlelo, Angeke abuka ngokuxhawulana, noma ngamanzi, Ufanele abuke ngeGazi, futhi lapho Ebuka ngeGazi, izono zakho ezibomvu zibukeka zimhlophe kuYe. IGazi likaJesu Kristu lihlanza kuso sonke isono. Lokho ngukuthi:

O, kuyigugu ukugeleza,
Okungenza ngibe mhlophe njengeqhwa;
Awukho omunye umthombo engiwaziyo,
Lutho ngaphandle kweGazi likaJesu.

Njengoba u-Eddie Perronet wabhala:

Bayede mandla eGama likaJesu!
IziNgelosi maziwe zilale phansi;
Zilethe umqhele wobukhosi;
Futhi ziMthwese umqhele iNkosi yakho konke.

¹²³ Ngoba WayenguYe kuphela, uMbusi onamandla kuphela, okunguyena kuphela uMlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, akukho okunye okuyothatha indawo, iGazi laKhe liyiyonanto kuphela ezokwenza ukubuyisana, yiyona kuphela indlela kaNkulunkulu, Nguye kuphela uMlamuleli, kuphela—kuphela kungoJesu Kristu.

¹²⁴ Manje, ngikuZakariya, phansi kwegazi elichithiwe lewundlu, emi lapho. Futhi wathi, “Emva kwalolusuku lapha, nginguGabriyeli, ngimi eBukhoni bukaNkulunkulu,” futhi wathi, “uya ekhaya, nomkakho uzokhulelwa, azale indodana, uzoyiqamba igama lokuthi uJohane. Uzoba mkhulu, futhi uyophendulela izinhliziyi zabantwana bakwa-Israyeli zibuyele emiyalweni kaNkulunkulu.”

125 Bese kuthi-ke, ngenkathi uZakariya, cabanga ngakho manje, umshumayeli, umpristi ethempelini, ufunde imiBhalo, inqwaba yezibonelo ezinjengalokho okwakwenzeke ngaphambili, kwakukhona uHana wayengowesifazane owayengakwazi ukuba nomntwana futhi uNkulunkulu wamnika umntwana, kwakukhona uSara, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, uNkulunkulu wamnika umntwana, okwakwenzekile ngaphambili, kodwa wakubuza, wathi, “Kungenzeka kanjani lokhu na? Umkami usemdala, futhi sengimdala, futhi kungaba kanjani na?”

126 INgelosi yakhuluma ngokushesha, yase ithi, “Amazwi aMi ayogcwaliseka ngosuku lwabo, kodwa ngenxa yokuthi ungingabazile, wangabaza izwi lami, uzoba yisimungulu kuze kube lusuku umntwana ezalwa ngalo, kodwa amazwi ami ayogcwaliseka.”

127 Haleluya! UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe, Aliguquleki. Uma lelibandla lePentecostal lenqaba ukudumisa uNkulunkulu, uNkulunkulu ubengavusa amaMethodisti, amaBaptisti, noma enye into ethize ukuMdumisa. Uma ibandla lePentecostal lenqaba uMlayezo kaNkulunkulu, uNkulunkulu angathatha iKatolika, abangakholelwa ebunkulunkulwini, abaphikinkolo, kumbe noma yini enye, futhi aZiphakamisele iGama. Futhi, iZwi likaNkulunkulu liyogcwaliseka.

128 “Kuyobakhona izikhathi lapho uMoya uyothululwa khona uvela Phezulu. Kuyobakhona. . .Izinsizwa ziyakubona imibono, abadala baphuphe amaphupho. Kuyoba khona phezu kwezincekukazi nezincekukazi zaMi Ngiyakuthulula uMoya waMi, ngikhombisa izibonakaliso ezulwini phezulu.” Futhi zonke lezizinto okukhulunye ngazo zizofezeka, uNkulunkulu washo njalo. Amen.

129 Nifuna ukuba nesimo sokumesaba uNkulunkulu, niphike amandla akho, niqhubeke, lokho kugcwalisa imiBhalo, kodwa uNkulunkulu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo, ngeGama laMi bayakukhipha amademoni, bayokhuluma ngezilimi ezintsha, bayophatha izinyoka, noma baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Omunye, omunye uzokwenza. IZwi likaNkulunkulu aliguquleki. Kunjalo.

130 “IZwi lami liyakugcwaliseka, ngoba NginguGabriyeli omi eBukhoneni bukaNkulunkulu, kodwa uyoba yisimungulu futhi ungabe usakhuluma, ngoba ungabazile. Futhi awusoze wakwazi ukukwenza, kuze kube wusuku ingane ezalwa ngalo.”

131 Kwase kuthi-ke, leNgelosi yayazi ngalokho, iNgelosi efanayo, ezinyangeni eziyisithupha kamuva, yathunyelwa kuMariya omncane futhi yamtshela ngakho ezinyangeni eziyisithupha kamuva. Manje, uMariya omncane wathi. . .

Manje, akazange athi . . . wayibuza, wavele nje wathi, “Kuzoba kanjani, ngoba angazi-ndoda na?”

¹³² Wathi, “UMoya oNgewele uyakukusibekela.” O, ngiyakuthanda lokho! “UMoya oNgewele uyakukhuphukela phezu kwakho, futhi uyakukhulelwa esizalweni sakho futhi uzale iNdodana, ungazi-ndoda. Kodwa leNdodana iyakuba yiNdodana kaNkulunkulu, futhi Iyosindisa abantu baYo ezonweni zabo. Futhi Iyothatha isihlalo sobukhosi sikababa waYo, uDavide, futhi Iyobusa kuze kube-phakade naphakade, nokuthula akusoze kwanqamuka.”

¹³³ Ukhuluma ngokuthula na? Bathi, “Awu, YayiyiNkosi yokuThula.” Yebo, futhi wonke umuntu uyaYemukela unokuthula okuPhakade enhliziyweni yakhe.

¹³⁴ Izwe lingahle libe sempini, futhi kungahle kube nezimpi ekushoni lokhu, Akazange athi *izwe* liyokwenza. Imibuso yalelizwe ingekadeveli, yonke ilawulwa ngudeveli.

¹³⁵ IBhayibheli liyasho ukuthi le-United States, nalo lonke izwe lilawulwa ngudeveli, yingalesosizathu silwa futhi siqhubeke. Kodwa lapho uJesus efika futhi ehlala esihlalweni sobukhosi sikababa waKhe, uDavide, ukuthula okuphelele kuyobusa kuzo zonke izinhliziyu. O Nkulunkulu, ngalolosuku oluzayo!

¹³⁶ Ngenkathi uSathane eMenyusa, wayesethi, “Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yenza *lokhu*. Futhi uma u . . .” WaMthatha ukuMkhombisa imibuso yezwe, yonke imibuso eyoke ibe khona, wathi, “Ingeyami, ngenza ngayo engifuna ukukwenza, ngizokunika yona, uma uzokhothama futhi ungikhonze.”

¹³⁷ UJesus wayazi esikhathini seminyaka eyiNkulungwane Wayezoba yindlalifa kulokho, Wathi, “Buyela emva kwaMi, Sathane, ngokuba kulotshiwe ukuthi, ‘Wokhuleka eNkosini, uNkulunkulu wakho, ukhonze Yena yedwa.’”

¹³⁸ O, he! Ngiyamangala ukuthi kungani ngikhathazeka. Busisa izwe lakithi. Impela, ngiyakholelwa kulokho, abaholi bethu, nezinto ezinjalo, kodwa kusalokhu kubuswa nguSathane, iBhayibheli lisho njalo. Zonke lezizinto ezihhundulayo ziqhubeka enizwa ngazo, khumbula nje, mfowethu, sibheke uMuzi ozayo oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Kunjalo. Sibheke uMbuso ukuba ufike, akusiyo iJalimane, akusiyo iSwitzerland, akusiyo i-United States, nguKristu noMbuso ovela Phezulu.

¹³⁹ UJesus wathi, “Uma uMbuso waMi ubungowalomhlaba, khona-ke bengiyoba nabantu baMi ukuba baNgilwele, kodwa uMbuso waMi uPhezulu. Futhi beNgingabiza uBaba waMi futhi masinyane UbezoNginika olegiyona abangamashumi amabili beziNgelosi.” Amen! Lapho iNgelosi eyodwa ingabhubhisa umhlaba wonke.

Ungafisi ingcebo yalelizwe eyize,
 Ebuthuka ngokushesha kangaka,
 Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
 Azisoze zedlula!

¹⁴⁰ Lezizimpi, sikhapha lezizinganyana ezincane, ezekhethelo nje, ngoba azazi kangcono ukuthi zazi ukuqondiswa izigwegwe, ukuqondiswa izigwegwe kwasembuthweni, “Phakamisa ikhanda lakho phezu kwegquma bese udedela omunye alidubule alisuse, ufe njengeqhawe.” Bakwenza ngokujabula. Ugijimele phezulu lapho koyedwa futhi adutshulwe alahlwe phansi, omunye adutshulwe alahlwe phansi, omunye adutshulwe alahlwe phansi, isizwe siyabakhohlwa ngaphandle komndeni wabo nje. Buyelani kulokhu lapha, futhi noma yini ababuyela kuyo...niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini, amaningi amasosha.

¹⁴¹ Kodwa umuntu, akuvamile ukuba uthole oyobeka phansi ukuphila kwakhe ngenxa kaKristu. Angeke ngisho agaqe aphume esihlahleni esinomthunzi bese eya esontweni, angeke ngisho aphume ngemuva kwethelevishini isikhathi eside ngokwenele ukwethamela umhlangano womkhuleko wangoLwesithathu ebusuku. Kunjalo. Amen. Kuyihlazo, ichilo.

¹⁴² Yingalesosizathu iziNgelosi zingawavakasheli amabandla, yingalesosizathu iziNgelosi zingawavakasheli amakhaya. Sifanele sehlele phansi ebuqothweni obujulile balento. IziNgelosi zikaNkulunkulu zilapha emhlabeni kulobubusuku, ngokufanayo nje njengoba zazihlale zikhona.

¹⁴³ UMoya oNgwele kade ulapha kusukela ekuvukeni kukaJesu Kristu nokufika kwePhentekoste. Ubonakale eminyakeni yonke kwehle njalo, ehlanganisa insali yabantu ndawonye, okunye kwakho yisosha elingabalulekile empini, ngizonitshela nje lokho manje. Yisosha elingabalulekile elizokhipha intuthu ekuhlushweni. Yebo, mnumzane. Kuzothatha isehlakalo sokuzalwa ngokusha, ugezwe eGazini leWundlu, wangcweliswa, wagcwaliswa ngoMoya oNgwele, kungenjalo abasoze balwenza loluHlwitho, ngokwaleliZwi. Yebo. Yilokho impela umBhalo okushoyo.

¹⁴⁴ Intombi phandle lapha e-Oregon yayizama ukuxoxa nami ngesinye isikhathi, yayingowebandla uMariya owayengubasi phezu kwalo, futhi yathi, ikhuluma ngokuthi, yathi, “Ngingakuzonda ukwazi ukuthi ngiyo...” Yathi, “Uqonde ukungitshela ukuthi ngesikhathi se...eZulwini ukuthi lesisigejane esifana neziphukuphuku besiqhubeka phezulu lapho izolo ebusuku lapho obushumayela khona, ukuthi lokho kuzoba ngabantu abayobe bebusa eZulwini na?”

¹⁴⁵ Ngathi, “Yilokho iBhayibheli elikushoyo.” Yathi...Ngathi, “Intombi yakho ebusisiwe uMariya, wadingeka enyukele ePhentekoste futhi emukele uMoya oNgwele, futhi enze

njengoba kwenze labobantu izolo ebusuku, kungenjalo wayengeke aye eZulwini.”

Yathi, “Lokho akunjalo!”

¹⁴⁶ Ngathi, “Ake ngikukhombise khona lapha eZenzweni 2 ukuthi kunjalo noma qha. UMariya wadakwa kakhulu wadiyazela njengokuthi, wadakwa nguMoya, futhi waziphathisa okomuntu odakiwe ngoSuku lwePhentekoste. Futhi uma uNkulunkulu wayengeke avumele uMariya aye eKhaya eZulwini noma yini engaphansi kwalokho, uzophumelela kanjani ezweni ngaphandle kwalokho na?” Kunjalo. “Mawube ngowanoma yiliphi ibandla olifunayo, uzofanele ube nesehlakalo esifanayo, into efanayo, impela.”

Yathi, “Awu, ngi—ngi—ngingefune ukuba lapho.”

¹⁴⁷ Ngathi, “Angicabangi ukuthi ufanele ukhathazeke kakhulu ngalokho.” E-hhe. Kunjalo. “Angicabangi ukuthi unokuningi kakhulu okufanele ukhathazeke ngakho.” Ngathi, “Manje qhubeka futhi ubhale udatshana olungcolile ngempela ngakho ephepheni, futhi ngizokutshela lokhu: ISHO KANJE INKOSI, maka phansi amazwi ami, phakathi kwalokhu nezinyanga ezimbili kusukela manje, ufela eceleni komgwaqo engozini, uzowakhumbula amazwi engikutshela wona.”

¹⁴⁸ Futhi ayizange ibhale lutho. Kunjalo. Yadlala iqhinga elihlakaniphile lapho. Ngiyibonile ifa, ilele engozini yemoto. UNkulunkulu wayeyinika ithuba ngaleyonkathi, kodwa yayihlakaniphe ngokwenele ukuba ingabhali lutho, kwakungekho lutho ephepheni, bavele bakuyeka nje, ngakho lowo ngumqondo okhaliphile. Yasindisa kuphela impilo yayo uqobo ngakho. Niyabo, uNkulunkulu usenguNkulunkulu.

¹⁴⁹ UNkulunkulu wathi, “Kungcono kakhulu kuwe ukuba itshe lokusila ligaxwe entanyeni yakho futhi wacwila ezinjulweni olwandle ukuba ngisho ukhubekise omunye walaba abancinyane abakholwa yiMi.” Yini leyo na?

¹⁵⁰ Awu, wena uthi, “Awu, ngingomncinyane okholwayo.”

¹⁵¹ IBhayibheli lithi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” UNkulunkulu wenza umehluko, Unikeza umaka kubantu. “Uma ekholwa, lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Kunjalo, ikholwa, hhayi ikholwa elizishoyo, hhayi ikholwa elifanele, kodwa ikholwa langempela.

¹⁵² Ngifuna ukuba ngowebandla elinalozozibonakaliso nezimanga zililandela, yilapho engifuna ukuba nenhlanganyelo yami khona, khona ngqo ngaphansi kweGazi likaJesu Kristu. Lapho iziNgelosi, namandla, noMoya oNgcwele, noNkulunkulu esebenza emuva naphambili ngeBandla laKhe, ngabantu baKhe, ekhombisa izibonakaliso nezimanga.

¹⁵³ Ngani, kuyinto enkulu kunazo zonke engake ngayazi empilweni yami! Kuyingxenye yeZulu emhlabeni, abantu

abayothatha iZwi likaNkulunkulu. Uma ungenawo uMoya oNgcwele kuwe, ungalithatha kanjani iZwi likaNkulunkulu na? UMoya oNgcwele phakathi kuwe uzothi, “Amen,” kulolonke iZwi uNkulunkulu alilobayo. Kunjalo.

¹⁵⁴ Uma i—uma iBhayibheli lathi, “UJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade,” i . . . uma unoMoya kuwe Uzothi “Amen.” Uma iBhayibheli lathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo,” nebandla lakho lathi lokho kwakungokomunye unyaka, uMoya oNgcwele phakathi kuwe uzothi, “Amen. IZwi likaNkulunkulu liqinisele. Onke amazwi omunye umuntu lingamanga.”

¹⁵⁵ UPetru wathi ngoSuku lwePhentekoste, “Phendukani nibhaphathizwe, yilowo nalowo eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa iSiphiwo sikaMoya oNgcwele, ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nalabo abakude, bonke iNkosi, uNkulunkulu wethu, eyakubabiza.”

Nebandla lakho lithi, “UMoya oNgcwele wanqamuka emuva nabaphostoli.”

Wena uyothi, “Onke amazwi omuntu mawabe amanga, nakaNkulunkulu abe yiqiniso.” Amen.

¹⁵⁶ UMoya oNgcwele uzovumelana neZwi laKhe uQobo. *Kungokwakho nokwakho* naso sonke isizukulwa—. . .inqobo nje uma iNkosi isabiza, uMoya oNgcwele usekhona lapho ukubhaphathiza wonke ongcwele nalo lonke ikholwa. Amen. IZwi likaNkulunkulu elingaguqulekiyo!

¹⁵⁷ Futhi ngangishumayela ngobunye ubusuku ukuthi ngokuthi *Kungani?* umBhalo, noma, ivesi elithi *Kungani? Kungani?* UNkulunkulu uzobuza, “Kungani?” Uzoziphendulela ngakho. “Alikho yini ibhalisamu kwaGileyadi na? Akukho-nyanga lapho na?”

¹⁵⁸ UPetru oNgcwele wabhala, wayenguDkt. Simon Petru, wabhala ukuthi isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo ngoSuku lwePhentekoste. Uyakukholwa lokho na? Ngenkathi bethi, “Madoda bazalwane, singenzenjani na?” wabhala isiThako somuthi nokusetshenziswa kwawo seBhalisamu.

¹⁵⁹ Ungazami ukuzilulaza ngakho, ungazami ukukhipha okuthize kukho, uthi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule, ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele.”

¹⁶⁰ Uthatha abanye balaba osokhemisi abangowaka abangathatha, noma udokotela onguwaka oyothatha i—isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo udokotela wangempela ayesibhalile esasiyolapha isifo, nodokotela onguwaka noma usokhemese akhiphe okuthize lapho, kuyini na? Phakathi lapho, kunenqwaba kaphoyizeni, futhi kunophoyizeni owenele ukubulala igciwane, ikhambi elenele ukuwuvimba

ungakubulali. Uma ubuyokhipha lonke ikhambi, ubuthi bekuyokubulala, wena ubulala isiguli sakho.

¹⁶¹ Yileyo indaba ngenqwaba yalamabandla namhlanje, agcina umthetho ngamehlo nje kakhulu futhi awamesabi uNkulunkulu, babulala ibandla labo ngokuthatha isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo futhi benza okuthize, imfundiso engaphikiswa kukho, futhi ngingakushiya ngendlela uNkulunkulu akubhala ngayo. Haleluya! Ngikholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu eliPhakade liyilo ngempela nje njengoba Lalilokhu linjalo. Ngilifakazisile ngiphindaphinda, ngiphindaphinda, ngiphindaphinda, ngiphindaphinda, futhi ngiyazi ukuthi Liyiqiniso. Amen.

¹⁶² UZakariya wahlala khona lapho emsamo, neNgelosi yamshiya, futhi washaywa waba yisimungulu.

¹⁶³ Manje, iNgelosi yathi, “Umzala wakho, uMariya, usevele uezinyanga eziyisithupha, njengoba kunjalo kumama.” Futhi wathi, “Manje, leNto eNgcwele ezelve kuwe, izoba yiNdodana kaNkulunkulu.”

¹⁶⁴ Niyazi ukuthi uMariya wathini na? Ngifisa sengathi ngabe besinoMariya abaningi lapha manje. UMariya wathi, “Bheka incekekazi yeNkosi, makube-kimi ngokweZwi laKho.” O, he!

¹⁶⁵ Akazange abuze, akazange abuze. Futhi enye into, akalindi neze aze ezwe ukuphila, akalindanga waze waqiniseka, akalindanga waze wabona ukuthi into ethize inqamukile kuye. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹⁶⁶ Udumo! Lokho kuhle ngokwenele. Lapho uNkulunkulu esho njalo, lokho kukuxazulula Phakade. Lelogama lalilihle ngokwenele kuye, wathi, “Bheka incekekazi yeNkosi, makube-kimi njengezwi lakho,” futhi waqala ukujabula ngakho, hhayi ukulinda. Niyabo, wayefanele akholwe okungenakwenzeka, wayefanele akholwe into ethize engazange yenzeke. Yilokho esifanele sikwenze, sifanele sikholwe okungenakwenzeka ukuba sibone ukuPhila okusha. Amen.

¹⁶⁷ Kodwa lapho ukholwa okungenakwenzeka! Uma udokotela ethi unomdlavuzo futhi uyafa, ufanele ukholwe okungenakwenzeka ukubona impilo entsha ikubamba. Amen. Uma udokotela ethi awusoze wahamba, ufanele ukholwe okungenakwenzeka ukubona ukuphila okusha kungena kuwe, impilo entsha kuleyomisipha. Futhi, O Nkulunkulu, veza isandla esisha, ingalo entsha, amaphaphu amasha, isisu esisha, noma ngabe kuyini, uNkulunkulu uzokwenza, uma uzoMthatha eZwini laKhe.

¹⁶⁸ Manje, wayengenabufakazi bakho nhlobo, kuphela izwi lakhe. O, ngiyakuthanda lokho! Ngiyacabanga khona manje, yimani umzuzu nje. Njengoba ngishilo, angishumayeli kuwo wonke umuntu ohlala ngqo emgwaqeni omkhulu, ngifanele

ngehle ngomgwaqana ngesinye isikhathi ukuyothatha omunye umuntu.

¹⁶⁹ Khumbulani isifebe, uRahabi. Akazange...O, ngenkathi izinhlozi ziletha umbiko ngoJoshuwa eyindoda enkulu kaNkulunkulu, noNkulunkulu wayemtshelile ukuthi kanjani, “Ngizoba nawe njengoba NganginoMose,” wayezwile ngokuthi onke ama-Amori, kanjalonjalo, ezansi phakathi lapho ayebe isisulu, nokuthi wayembulale kanjani u-Agagi, kanjalonjalo, uMose wayenakho, kodwa akazange athi, “Awume kancane ngize ngibone uJoshuwa, futhi ake ngimbone enza uhlobo oluthile lwesimangaliso, futhi khona-ke ngizokholwa.” Qhabo, mnumzane. Izwi lezinhloli lalilihle ngokwenele kuye. Haleluya!

¹⁷⁰ Uba ngukhokho kakhokho kakhokho kakhokho weNkosi yethu uJesu Kristu, futhi. Kunjalo impela. Waganwa yi-yigosa eliphuma kwa-Israyeli, futhi kulokho kuphuma indodana okwakunguBowazi, futhi kuBowazi kwaphuma uJese, kuJese kuvela uDavide, kuDavide kuvela uMariya. Haleluya!

¹⁷¹ Kungani na? OweZizwe, ongasokiwe ngenhliziyo nezindlebe, wawukholwa uMlayezo futhi waWemukela ngaphandle kwanoma yibuphi ubufakazi nhlobo. Wezwa ukuthi kwakukhona uNkulunkulu owaye... .

¹⁷² O, ngizizwa ngikholwa! Wawukholwa uMlayezo, wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe, igama lakhe alinakufa. Ukhokho kakhokho weNkosi yethu uJesu Kristu, ngoba wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Futhi bheka wayefanele aphume e, eyisifebe emzini.

O, yini engageza izono zami na?
Lutho ngaphandle kweGazi likaJesu;
Yini engangenza ngiphile futhi na?
Lutho ngaphandle kweGazi likaJesu.

O, kuyigugu lokho kugeleza
Okwenza isifebe sibe mhlophe njengeqhwa;
Awukho omunye umthombo engiwaziyo,
Lutho ngaphandle kweGazi likaJesu.

¹⁷³ Akukho-bandla, akukho-sivumokholo, akukho-hlelo, akukho *lokhu*, akukho *lokho*, nje iGazi likaJesu Kristu liyikho konke okuzokwenza ube mhlophe. Amen. Manje, angiqophisani ngamabandla enu, angiqophisani ngesivumokholo senu, ngizama ukusho, “Ningabeki amathemba enu kulokho.”

Ungasho ukuthi, “NgiyiMethodisti nalokho kuyakuxazulula.”

¹⁷⁴ Uma uyiMethodisti, futhi ugezwe eGazini likaJesu Kristu, futhi wagcwaliswa ngoMoya oNgwele, uNkulunkulu abusise inhliziyi yakho, siqinisekile ngamaphesenti ayikhulu bafowethu nodadewethu. Yebo, mnumzane. iBaptisti, iPresbyterian, iKatolika, iLuthela, noma ungahle ube yini.

175 Kodwa lapho uthi, “Awu, ngiyiMethodisti,” “NgiyiBaptisti,” lokho akusho lutho. UJesu wathi kwakungenjalo kusukela ekuqaleni. Kunjalo. Akazi lutho olunye ngaphandle kweGazi laKhe uQobo.

176 UNkulunkulu akazukuqonda lutho olunye ngaphandle kweNdodana yaKhe uQobo. Futhi kunjalo. Yena, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo,” kwasho uNkulunkulu eNtabeni yokuGuqulwa isimo, “Yizweni.” Amen.

177 UJesu wathi, “Ozwa iZwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo unokuPhila okuPhakade, futhi akasayikuya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” KuleloDwala ngimi kulobubusuku, akunandaba ukuthi ngizizwa kanjani, noma ukuthi udeveli uthini. Kunjalo.

178 IZwi likaNkulunkulu: “Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa leloZwi alisoze ledlula.” Amen. Ngethemba iZwi laKhe, akukho okunye engikwaziyo ngaphandle kweZwi laKhe, Yilokho engikholelwa kukho.

179 Futhi a—angihambi ngendlela engizizwa ngayo, udeveli wenza, ubengangenza ngizizwe ngesinye isikhathi bengingasindisiwe, nodeveli ungenza ngizizwe ukuthi angiphulukiswanga, angikhathali ukuthi uthini, ngingamehlula kuleloZwi ngaso sonke isikhathi. Ngithi, ngu “ISHO KANJE INKOSI. Buka Lokho, mfana! Yebo, mnumzane, ungeke wakususa Lokho.”

180 UJesu wamehlula ngendlela efanayo, Wathi, “Kulotshiwe!” Wayenamandla okumbuyisela esihogweni, kodwa Akakwenzanga. Wakhombisa ukuthi uSathane wayengahlulwa khona lapho eZwini likaNkulunkulu. Yena, njalo lapho uSathane ehlangana naYe, Wayemehlula eZwini likaNkulunkulu. EliPhakade likaNkulunkulu, iZwi laphakade liqinisile. Yebo. Amen. Ngiyakuthanda lokho. Yazi ukuthi unesisekelo esiqinisekile.

181 Akazange alindele noma yini enye, wayeneZwi likaNkulunkulu enhliziyweni yakhe, futhi wayehambahamba efakaza ukuthi wayezoba neNgane ngaphambi kokuba abe nobufakazi obubonakalayo bakho noma qha. Manje qaphelani, ukuba owesifazane osemusha abe nengane ngaphandle kokuba ashade, lokho bekungaba yihlazo. Wayengenandaba nehlaho, wayeneZwi likaNkulunkulu.

182 Abantu abaningi kakhulu kulobubusuku bathi, “O, uma bengizodingeka ngehlele lapho futhi ngithi *bu-hu* futhi ngikhale, uma bengiyoke ngikhulume ngalezozilimi, o, hhayi mina! O, ngani, umama wami ubeyongixosha. Umphakathi wami, ngani, bebengasophinde badlale amakhadi nami futhi.”

183 Ungakhathazeki, uma wenza lokho, angeke usadlala amanye amakhadi, empeleni, kunjalo, ngakho awudingi ukukhathazeka ngalokho. Nemiphakathi yenu iyoba yisixheke

semfucumfucu kini, kunjalo impela, ngoba kuzoba nomphakathi owodwa kuphela, lelo yiGazi likaJesu Kristu, nabaHlengiweyo kusukela ekusekelweni kwezwe, haleluya, lowo ngumphakathi kaJesu Kristu. Amen. Kwagezwa ngegazi, kwakhulunywa ngakho, kwadelelwa, kwanqatshwa, kwaxoshwa, kwathiwa izilima, konke okunye, kodwa lokho akusisusi isithembiso sikaNkulunkulu. UNkulunkulu uhlala enguye izolo, namuhla naphakade. Futhi akukho-muntu ongengcono kunezwi lakhe, neZwi laKhe linamathela kahle nje manje njengoba Lalilokhu lenza kuwo wonke umuntu ozoLikhola.

¹⁸⁴ Wathi, “Bheka incekekazi yeNkosi, makube kimi njengeZwi laKho.” Sengiyawabona awakhe amancane, amehlo ansundu ekhanya, njengezinkanyezi zezulu.

¹⁸⁵ Uhambahamba ethi, “Uyazi, ngizoba neNgane na?”

“O, Mariya!”

“Yebo, ngizoba neNgane.”

“Ngabe wena noJosefa nishadile na?”

“Qhabo! Izoba yiNdodana kaNkulunkulu.” Amen.

¹⁸⁶ Ayikho into enjengaleyo eyake yenzeka ngaphambilini. Kodwa wayengenandaba noma ngabe kwake kwenzeka ngaphambilini, empeleni, wayeneZwi likaNkulunkulu, isithembiso sikaNkulunkulu, lokho kwakukuhle ngokwenele. Wayengenandaba nengxenye eyihlazo yakho, wayeneZwi likaNkulunkulu ngakho, impela.

¹⁸⁷ Bukani ethempelini ngalolosuku ngenkathi eMnikela, nangu Wayeza, nabo bonke omama beza ngapha, ezincane, izingubo ezithungwe ngenaliti, nezinto ezinjalo ezinganeni ezincane, futhi—futhi lapho bonke bathi, “A-o! Bukani *lapho*, nango lowoMariya. Niyabo, leyongane yazalwa ngaphandle komshado, dedani kuye, qhelani,” futhi baqhela kude le kuYo.

¹⁸⁸ Yayisongwe ngembeleko, hhayi okuthungiwe, imbeleko. Futhi ngenkathi Ilele phakathi lapho . . . Uma ngitshelwa kahle, lelo yijoka phezu kwenkabi abalifaka esitebeleni phakathi lapho, ukuthi babenento eyayiyivimbela ekuyihlikihleni ehlonbe, basho ukuthi yilokho uJesu ayesongwe ngakho, kungekho ngisho nezingubo zokugqoka, kungekho ndawo yokucamelisa ikhanda laKhe, ufika emhlabeni ngesizalo esibolekiwe phezu kwenqwaba yomquba, waphuma futhi wadingeka ayoboleka ithuna ukuba angcwatshwe kulo. Bese kuthi—ke sicabanga ukuthi singumuntu *othize*. O he!

¹⁸⁹ UNkulunkulu waseZulwini Owayekwazi ukudala isinkwa nenhlanzi, futhi enze amanzi abe yiwayini, Owenza amaZulu nomhlaba, futhi wathatha indawo yothobile, ompofu kunabo bonke phakathi kwabo bonke, wageza izinyawo zabafundi, lona impela uthuli Aludalayo Walugeza. Lona impela uthuli Aludala Wenziwa ngalo, wabeka ithende laKhe phansi lapha, futhi

wahlala phakathi kwethu emzimbeni wenyama, wanqamula isigaba saKhe, wehla evela kuNkulunkulu ephuma eZulwini, waba nguMuntu ukuze ashaye inhliziyi, leso yisibonakaliso esikhulu.

¹⁹⁰ Kuyisibonakaliso sangempela. Ukhuluma ngezibonakaliso: ngenkathi uJehova enziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu, isibonakaliso esifanele sishaye inhliziyi yawo wonke umuntu ukwazi ukuthi uNkulunkulu uthobeke kakhulu. “UNkulunkulu, oyigugu, othambile, wabeka eceleni ubukhazikhazi baKhe, eqhotha ukuba ahehe, futhi azuze umphefumulo wami.” Njengoba uBooth-Clibborn ebhale iculo elidumile, *Phansi Evela eNkazimulweni yaKhe*. O, he, ngithanda kanjani ukuzwa lokho kuculwa eNkazimulweni! “UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami. Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.” Ngikuthanda kanjani lokho!

¹⁹¹ Ngalolusuku ngenkathi bezama ukuMenza umprofethi, bezama ukuMenza umuntu nje, Wayengaphezu kwalokho, Wayengu-Emanuweli.

¹⁹² Wayelapho-ke. Lapho ephuma egijima, futhi uqala ukutshela wonke umuntu okwakwenzekile, o, ukuthi uNkulunkulu wayembusise kanjani, futhi kwenzeka wacabanga, “Elizabethhe, umzala wami, sekuyiminyaka ngingamboni, ngakho ngizocabanga ukuthi ngizothi nyelele futhi ngimbone.”

¹⁹³ Ngakho wagijima wenyuka ukuyombona, njengoba ngasho ngobunye ubusuku. Futhi ngenkathi esenyukele lapho ukuyombona, wayesezifihlile izinsuku eziningana, ngoba waye, akazange azibonakalise ngaleyonkathi njengoba kwenza abesifazane manje. Futhi ngakho, wagijimela endaweni futhi wazifihla emuva.

¹⁹⁴ Niyawabona lamanenekazi (Ngiyaxolisa, bodadewethu, ngicela nikwenze, umzuzu nje, beka unembeza wakho eceleni umzuzu. Lalela udokotela wakho, ngifanele ngibe njalo, ngingumfowenu.), kodwa owesifazane phandle lapha ukuba abe ngumama, ehambahamba esitaladini, lezizikhindi ezincane ezindala, nezinto ezinjalo, kuyihlazo esizweni, eflegini, esintwini, kunoma yini enye. Usikilidi esandleni sakhe ehamba kanjalo, o, he, he, he!

¹⁹⁵ Uma—uma lona kunguMoya oNgcwele enginawo, nizoba nethuba elincane kakhulu ukuba nize nifike ngisho nasemnyango. Futhi kunjalo. UNkulunkulu uyakuzonda lokho. Yebo, mnumzane. Leyo yinto ephansi kunazo zonke owesifazane ake ayenza, ngenkathi eqala ukubhema osikilidi. Nani madoda enizomvumela akwenze, awu, nginombono wami ngani. Kunjalo impela. Awusuye ubasi wendlu yakho, qhabo impela.

¹⁹⁶ Angisho ukuthi umkami angeke akwenze, kodwa lapho ekwenza, angeke abe nguNkk. William Branham, lokho

kuzoba yinto eyodwa eqinisekile. Yebo impela, angisho ukuthi amadodakazi ami angeke akwenze. Kodwa nje ubuka phezulu emhlane wabo bese ubona ukuthi mangaki amabhamuza aphezu kwabo lapho kudlula. Kunjalo impela. Angisho ukuthi ngeke bakwenze, angazi, uNkulunkulu uphethe ikusasa, ngiyethemba angibi ubaba entweni ethize enjengaleyo, kunjalo, angazi ukuthi kuzokwenzekani.

¹⁹⁷ Kodwa lalalani, ngenkathi...Umlobi wephephandaba wesihlanu omubi kunabo bonke okhona esizweni ngumama obhema usikilidi. Ngithola izibalo kuhulumeni, kuthi amaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili omama ababhema osikilidi bafanele bancelise izingane zabo ubisi lwezinkomo uma bebhema. Uma zithola ushevu wenikotini obisini, aziphili izinyanga eziyishumi nesishiyagalombili. Cabangani ngalokho. Ukucekela phansi? O, njengoba bengihlale ngisho, “Akusiyo irobini egqobha i-apula elilimazayo, yisibungu emnyombweni elilibulalayo.” Kunjalo, ngukungcola namanyala kwethu uqobo okuzungezile.

¹⁹⁸ Lezozinkampani zikasikilidi zizama futhi zenze abesifazane bacabange ukuthi bayehlisa, kukunika iTB nomdlavuza. Odokotela abanitsheli yini lokho na? Ningakulaleli konke lokhu. Ukuthi bayithatha kanjani leyonto futhi—futhi bayikhiphe lapho kwithelevishini, bese—bese-ke bekwesula ezinteleni zikahulumeni wase-United States, bese-ke bethatha umshumayeli futhi bamthumele etilongweni lokuhlumelelisa izimilo ngokungayikhokhi intela *kwenye into ethize*, ufakwa... O, he! Silungele ukulahlwa, akusekho okusele ngaphandle kokwahlulelwa. Kunjalo.

¹⁹⁹ Asisidala kakhulu, iSambulo 13 sathi lesisizwe asiyikuphila isikhathi eside kakhulu, empeleni, niyakwazi lokho. Iwundlu elincane lavuka, futhi alizange libe yinqama njengawo onke amanye, lafa ebusheni balo. Kunjalo. Ngenkathi amandla obufundisi basesontweni namandla omphakathi ehlangana ndawonye nalezozimpondo ezincane ezimbili zenqama khona-ke ibandla elihlangene nohulumeni, futhi cishe impela siyakwenza khona manje, kuncike nje ekutheni yiyiphi indlela igagasi eliphephetheka ngayo lapho benolunye ukhetho. Futhi sesicishe impela sibe kukho khona manje, sikuyeke nje kuqhubeke.

²⁰⁰ Ungahle ucabange ukuthi ngiwuhlanya, kodwa kubhale phansi esiqeshini esincane sephepha ndawondawo, bese ukunamathisela eBhayibhelini lakho, futhi ubhekisise ngolunye lwalezizinsuku, kuyeza, kungahle kube semnyango ngqo. Kungcono ukhuleke, kungcono ulungisane noNkulunkulu, ihora seliseduze!

²⁰¹ Lapho ubona “Izizwe zihlakazeka, u-Israyeli ephaphama, izibonakaliso iBhayibheli elazibikezela; Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okukhulu okuthiyayo; o, buyani, O

bahlakazekileyo, niye kwabakini,” o, he, sukani kulezizinto zezwe futhi nifike kuNkulunkulu ngokukhulu ukushesha eningakwenza, Yilona kuphela ithemba esinalo, iNto kuphela esele. Sonke isizwe sesilungele ukusakazwa sibe izicucu, isikhathi sokuphela sesiseduze, futhi ayikho enye into engavuka, akukho lapho ongabeka khona amathemba akho kodwa ekuFikeni kweNkosi uJesu Kristu nokulunga kwezinsuku zaKhe. Amen. Kuyiqiniso kanjani lokho!

²⁰² UMariya wenyuka ukuyohlangabeza u-Elizabethhe. Futhi sengiyambona u-Elizabethhe emuva phakathi lapho ethunga lamabhuzu amancane, niyazi, futhi elungiselela ingane izinto. Kodwa niyazi into ehlekisayo yayingukuthi, ingane yayingakaze inyakaze, kwase kuyizinyanga eziyisithupha ngaye, engumama, futhi lokho kungaphansi kokwejwayelekile ngakho konke, siyakwazi lokho. Cishe izinyanga ezintathu kuya kwezine, futhi lena yizinyanga eziyisithupha noJohane omncane wayengakaze anyakaze. Futhi wayesemuva lapho elungisa amabhuzu amancane. Futhi ngizwa abanye babo bethi, “Ngibona owesifazane eza,” mhlawumbe omunye ongaphandle.

²⁰³ No-Elizabethhe waphakamisa ikhethini, wabheka, wathi, “Bengifanele ngimazi lowo wesifazane. Noma ngabe ungubani, ujabule kabi.”

²⁰⁴ Niyazi, into ethize ngomKristu ijabulisa kabi. Kukhona okuthize ngowesilisa oke wahlangana noNkulunkulu, kukhona into ethize ejabulisayo ngowesifazane noma owesilisa.

²⁰⁵ Nakhu kuza uMariya omncane, wayecishe abe neminyaka eyishumi nesishiyagalombili kuphela ubudala, amehlo akhe amancane ayecwebezela, izihlathi zakhe ezincane ziphinki, futhi nangu eza ngamandla akhe onke. O, wayethokoza nje futhi—futhi edumisa uNkulunkulu.

²⁰⁶ Futhi lapho esondela, u-Elizabethhe wayebukeka emuhle, futhi wathi, “Awu, uma lowo kungesuye uMariya, umzala wami!” Manje, niyazi ukuthi uJohane noJesu babengabazala besibili. Ngakho, wathi, “Nangu eza uMariya, umzala wami.” Futhi wagijima waphuma endlini, wathatha itshali lakhe elincane, wayesembatha lona, wagijima waphuma, futhi wahlangana noMariya wayesemgaxa ngezingalo zakhe wayeseqala ukumgona.

²⁰⁷ Niyazi, ngifisa sengathi abantu bathandane futhi kanjalo, aninjalo na? O, he, bayabanda, abanjalo na? Kubanda nje njengensumpa equlwini lokugqumisa, angikaze ngibone noma yini empilweni yami enjengayo. O, kubi kabi. Akusekho muntu onobungane.

²⁰⁸ Mfowethu Arganbright, uyakhumbula eminyakeni eminingi eyedlula, ngenkathi sasivame ukuba nepulazi, futhi kukhona okungahambanga kahle kumakhelwane laphaya, wayegula, sasiwela futhi sinqume izinkuni zakhe, futhi—futhi singenise

ummbila, futhi silime ummbila, noma ngabe kwakuyini na? Sisize ukunakekelana, manje awazi umakhelwane wakho ukuthi ufile uze ukufunde ephepheni, noma ndawondawo. Kunjalo. Asisenalo uthando omunye komunye.

²⁰⁹ Futhi siyafika, njengalapha esikhathini esingeside esedule, abantu abaziphathi ngisho kahle omunye nomunye, ngangiya ezansi nedolobha, uzongithola ngalokhu, umkami, ngakho ngangiya ezansi nedolobha, lelinenekazi lathi, “Halo, Dadewethu Branham.”

Ngambuka ngale, ngase ngithi, “Meda,” ngathi, “lelonenekazi likhulume nawe.”

Wathi, “Ngikhulumile.”

²¹⁰ Ngathi, “Likuzwe kanjani, ngibe ngingakuzwanga ngihlezi lapha na? Futhi ngiyazi ukuthi izindlebe zami zilungile, ukuzwa kwami kulungile.” Ngathi, “Ukuzwe kanjani—kanjani na?”

Wathi, “Ngi—ngimamathekile.”

Ngathi, “O, he, okudadlana, ukusineka kobuwula!”

²¹¹ Manje, lokho akusikho ukukhuluma, qhabo, mnumzane. Ngithanda okuhle, okuyifeshini endala, ukuxhawulana njengokubamba isiphatho sesifutho *kanjalo*. Ngi—ngiyathanda ukukuzwa.

²¹² NjengoPaul Rader wathi ngenkathi eshiya ikhaya lakhe ngolunye usuku, wathi yena nomkakhe babenokuqophisana okuncane etafuleni. Nonke niyamkhumbula uPaul Rader ongasekho, wafela ezansi lapha eCalifornia na? Amathuna abashumayeli, eLos Angeles, bonke bangena lapho futhi bafe.

²¹³ Ngakho manje-ke, lapho befika endaweni lapho, ngenkathi esuka, wathi washiya umkakhe, futhi babenokukhafula okuncane, futhi wathi, ngokwejwayelekile, emnyango waye, owesifazane waye, amange amvalelise, baqhubeke baphume ngesango, bese-ke bevayizela bevalelise, wathi ngalokho kusa waya emnyango, futhi owesifazane wathi ukugebisa ikhanda lakhe, wathi uyamqabula wamanga wamvalelisa, wayesephuma ngesango, wavayizelisa emuva evalelisa.

²¹⁴ Waqala ukwehla ngesitaladi, futhi kwenzeka wacabanga, “Ukuba-ke owesifazane ubengafa na? Ukuba-ke bekungenzeka into ethize kimi na? Ungowesifazane othandeka kunabo bonke emhlabeni. Ngimthanda kanjani! Ngiyakhumbula ngenkathi ngimethembisa e-altare ukuthi ngiyophila ngokwethembeka kuye. Zonke lezizinto lapha, ngiyothanda njalo, ngihloniphe, futhi ngazise. O,” wathi, “UNKulunkulu uqala ukusebenzana nenhliziyo yami. Ngabuyela emuva, ngesango, ngangena emnyango, ngavula umnyango, ngase ngithi, ‘Faye, ukuphi na?’” Wathi, “Ngizwa into ethize ithi ‘Mfi, mfi,’” niyazi ukuthi owesifazane angenza kanjani, niyazi, “emi emva komnyango, ethi ukukhala.”

Wathi wambheka kanjalo, waphakamisa isilevu sakhe, wayesemanga kakhulu ezindebeni, waphenduka, wathi, “Usale kahle.”

Wathi, “Uhambe kahle.”

Wathi wagijima waphuma ngesango, waqalaza futhi, wayesethi wabheka emuva, umi emnyango, wayesethi, “Usale kahle.”

Wathi, “Uhambe kahle.”

²¹⁵ Wathi, “Wakusho njengoba nje enza okokuqala, kodwa okokugcina kwaba nomuzwa kukho.” Ngakho yingakho nje ngithanda ukuxhawulana, lokho okunomuzwa kukho.

²¹⁶ Yileyondlela engithanda ngayo inkolo, amen, lowo onomuzwa kuyo, ukuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, noMoya oNgcwele ukufakazisile kini, ukuthi ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Into ethize enomuzwa kuyo, into ethize ekwenza wazi ukuthi kuyikho ngempela, wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.

²¹⁷ Lapha esikhathini esithize esedlule ezansi eFlorida, ngehlela lapho ukuvakashela lomfanyana, obizwa ngo “David omNcane.” Awusho, ngikholwa ukuthi ngibona uMfowethu *ubani-igama lakhe* emuva lapho, uMorris, ovela ezansi etabernakele. Ngabe kunjalo na? Niyakhumbula ngobusuku itabernakele lethu lalincane kakhulu, futhi sadingeka siwele, ihholo lethu elikhulu, futhi sishintshisana noDavid omNcane na? UDavid omNcane wathola ihholo elikhulukazi, futhi besinabaningi kakhulu ehholweni lethu elikhulu, ngakho sivele sashintshane. Futhi uza laphaya, futhi sahamba, sathatha eyakhe.

Ngathi, “David, ake ngikukhokhele ngalokho,” noma, uMnu. Walker, uyise.

Wathi, “Ungakhathazeki, ungakhathazeki, lokho kulungile, Mfowethu Branham. Qhubeka.”

²¹⁸ NoDavid omNcane wehlela eFlorida. Futhi kusobala i... Leyo yinto eyodwa ngabantu bePentecostal, bona, “Inkabi iyasazi isibaya sayo, inkosi iyazi i...imbongolo iyawazi umkhombe, kepha abantu bami abazi.”

²¹⁹ Ngenkathi benalowoDavid omNcane, owayeyozuza izinkulungwane zemiphefumulo, kodwa uvela kwenye inhlango, ngakho enye inhlango yayifanele ibe noDavide oMncane, enye inhlango, enye inhlango, bonke banoDavid abaNcane. Ngokushesha nje lapho uNkulunkulu enikeza isiphiwo sokuphulukisa, omunye wayefanele abe naso, *lelihlelo lalifanele libe naso, nalowo wayefanele abe naso, nalowo*. O, he! Abaqondi nje, yilokho kuphela.

²²⁰ Bathatha lowomfanyana, labobaba abangamaKristu abadala ababeyomzungeza, futhi waphusha ikhanda lakhe phansi kancane, futhi akazange akhukhumale (Lowomfanyana

wayengumshumayeli, hhayi, “Mama, wena Jesu omncane owazalwa ngoKhisimusi... Wayengubani uMama olandelayo na?” Qhabo, qhabo, lowomfana omncane wathatha indikimba futhi wayiphatha njengomshumayeli.), futhi uma bonke bebengaba ngapho, futhi bangamvumeli azikhukhumeze ekhanda lakhe, ubeyozuza amashumi ezinkulungwane zabantwana abancane kuKristu. Kodwa qhabo, ngamunye wayefanele abe noDavid oMncane.

²²¹ Kwakukhona uNkk. Willets nabo ezansi lapho, nazo zonke izinhlobo zoDavide abaNcane, namakhasi amabili ukubeka oDavide abaNcane. Ngakho wangibuza ukuthi ngangiyokwehla yini, wamiswa. Futhi ngehlela lapho, futhi babenohlobo oluthile lwendlovukazi, noma kuyini na? Ngabe kunjalo, *indlovukazi* na? Uhlobo oluthile lowesifazane, leyondlovukazi, angazi ukuthi kusho ukuthini, kodwa wayengowesifazane omkhulu. Futhi o, izinkulungwane zazingapho ukuba zikhulekelwe. Yilapho uMfowethu Bosworth engena khona.

²²² Futhi, omunye uza kimi, uMfowethu Lindsay weza, wayesethi, “Mfowethu Branham,” ngikholwa ukuthi kwakunguMfowethu Lindsay noma uMfowethu Moore, oyedwa, wathi, “Indlovukazi ifuna ukukubona.”

Ngathi, “Ubani?”

Wathi, “Indlovukazi.”

Ngathi, “Ubani indlovukazi? Futhi yini indlovukazi na?”

Futhi wathi, “Ungowesifazane omkhulu, uhlobo oluthile lwento *ethize* enkulu, uyazi.” Futhi wathi, “Ungumnikazi walenkundla phandle lapha.”

²²³ Ngathi, “Ngimbone, futhi ngiyekele laba abampofu, abantu abagulayo balale lapha na? Futhi cishe izinkulungwane ezimbili zizama ukufika kimi ukuba zikhulekelwe, mina ngihamba kulentambama, futhi ngibone owesifazane okahle nophilile, futhi ngiyekele labobantu abampofu balale lapho na?” Ngathi, “Qhabo, mnumzane, ngizobona lababantu abagulayo uma ngithola isikhathi sokubona omunye.”

²²⁴ “O,” wathi, “kodwa Mfowethu Branham, uzobe emi emnyango lapho uphuma.” Wathi, “Ngeke kuthathe isikhathi sakho esiningi, ufuna nje ukuhlangana nawe.”

Awu, ngathi, “Kulungile.”

²²⁵ Lapho ngiphuma, nakhu kumi owesifazane omkhulukazi enobucwebe obenele ezandleni zakhe ukuthumela isithunywa senkolo emhlabeni jikelele izikhathi ezingamashumi amahlanu sishumayela iVangeli. Futhi nangu eza, futhi wayenepheya lezibuko othini, wayekubambe *kanje*, wayesethi, “Halo.” Wathi, “Ngabe unguDokotela Branham na?”

Ngathi, “Qha memu. Qha memu.” Ngathi, “NginguMfowethu Branham nje.”

Futhi wathi, “*Ngihungekile* ukuhlangana nawe,” futhi waphakamisa isandla sakhe phezulu *kanjalo*.

Ngabamba leso esikhulu esidala, isandla esikhuluphele, ngase ngisidonsela phansi, ngathi, “Sehlisele lapha ukuze ngikwazi lapho sengikubona futhi.” Ngazama ukumthola . . .

²²⁶ O, ngiyakutshela, mfowethu, mina, o, angikaze . . . Kusizani ukugqoka lokho esikubiza ngokuthi, isisho sasestladini, “Ukubeka phezuluinja,” ube ungelutho, empeleni na? O, uma abantu bakithi abangamaMelika bengakwazi ukubeinja phezulu!

²²⁷ Mfowethu Arganbright, nginomcabango omuhle ukusho esikubone eSwitzerland, eletha . . . lowo wesifazane, ehlela lapho nabo bonke lobu bucwebe besitolo sezinto zikasheleni, sasinesikhathi esimnandi kwaze kwangena uNkosazana Melika, wabekajinja enoboya obuyimvukumvuku etafuleni, futhi mina, o! Kwenele ukukwenza ugule. Angisijabulelangakakhulu lesositeki ngalolosuku, Mfowethu Arganbright, ezansi lapho eLausanne. Angizange . . . Kukwenza ugule nje. O, unguNkosazana Melika, osikilidi, udokotela kufanele ukuthi wantshela ukuba ahlale kude kakhulu kukho ngakho konke ayengakwenza, wayewukhiphe *kanjalo*, nenduku enkulukazi phandle lapho, ezama uku “beka phezuluinja.” O, angikaze ngikubone okunjalo empilweni yami. Kuthiwani ngakho na?

²²⁸ Ngangidlula emnyuziyemu esikhathini esingese esedlule, futhi babenesilinganiso somzimba womuntu ulele lapho. Futhi kwakuthi nje akube umcako owenele ukufafaza isidleke sesikhukhukazi, nendoda isinda amaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu, futhi nje cishe ikhalsiyamu nepotashi okwanele. Empeleni, kulinganiselwa konke, indoda enesisindo esingamaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu, niyazi ukuthi ibiza malini na? Amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane.

²²⁹ Futhi uzofaka isigqoko samadola angamashumi amabili kumasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane, ijazi lenyamazane imink lamadola angamakhulu amahlanu kumasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane, uphakamise ikhala lakho emoyeni, uma lina, belizokuminzisa, uzama ukucabanga ukuthi ungumuntu *othize* ube ungesuye, awulutho kodwa amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane, yilokho kuphela.

²³⁰ O, he, yehlela endaweni yokudlela, uthole isitsha sesobho, futhi bekuyoba nesicabucabu kulo, ubuyomangalela isitolo othenga udlele kuso, khona-ke uyodedela udeveli ahlohle osikilidi, nogwayi, nesono phansi emphinjeni wakho ukulahla lowomphefumulo obiza amazwe ayizinkulungwane eziyishumi, bese-ke ukhuluma ngempucuko. O, he! Si . . . Isondo selibuyele emuva futhi, yebo, mnumzane.

²³¹ Labobafana bemi lapho babuka lokho, omunye wabuka omunye, wathi, “Jack, asibizi kakhulu kangako, sinjalo na? Amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane.”

Ngathi, “Ake nime kancane, bafana, ninomphefumulo phakathi *lapho* obiza amazwe ayizinkulungwane eziyishumi. Kunjalo.” Akakaze abize. . .

Uluthuli, kubuyela othulini,
Akukhulunywanga ngomphefumulo.

Izimpilo zabantu abakhulu zonke
ziyasikhumbuza

Futhi singenza izimpilo zethu ziphakame
kakhulu,

Ngokuhlukana, sishiya ngemuva kwethu

Amanyathelo ezinyawo ezihlabathini
zesikhathi;

Amanyathelo ezinyawo, mhlawumbe omunye,
Ngenkathi ngintweza phezu kwesikhulu
sempilo esinesizotha,

Umfowethu odabukile nophukelwe
ngumkhumbi,

Ekuboneni, uyoba nenhliziyi futhi.

²³² O, ngikuthanda kahle kakhulu lokho, *iHubo lokuPhila* likaLongfellow.

²³³ UMariya omncane ngenkathi ekhuphukela lapho, ngibuyela endikimbeni yami, nezihlathi ezincane zikhophozela, amehlo akhe, wazi ukuthi wayeseduze nendlu, phezulu ngqo ngasemgwaqeni, efakaza kuwo wonke umuntu ukuthi wayezoba neNgane.

²³⁴ Nakhu kuphuma u-Elizabethhe egqoke itshali lakhe elincane kuye, wayesethi, “Mariya!”

Futhi wathi, “Elizabethhe!” Futhi baqala ukugonana. O, he!

Wayesethi, “Ngijabula kakhulu ukukubona, Mariya.”

Wathi, “Yebo, ngiyajabula.”

Wathi, “Ngiyabona.”

²³⁵ Wathi, “Yebo, kunjalo.” Wathi, “Ngizoba ngumama.” Wathi, “Umyeni wami, uZakariya, uyisimungulu ngokuphelele,” wathi, “akakwazi ukukhuluma, wahlangana neNgelosi.”

Wathi, “Ngiyaqonda.” Amen. Wayazi ukuthi konke kwakumayelana nani.

Wathi, “Kodwa uyazi, Mariya?” Wathi, “Ngikhathazekile nje kancanyana.”

Wathi, “Ngani na?”

Wathi, “Sekuyizinyanga eziyisithupha kimi njengowesifazane one, ukuba ngibe ngumama, futhi akukaze

kubekhona ukuphila okwamanje.” Wathi, “Ngikhathazekile nje kancanyana.”

Futhi sengiyambona uMariya nalawomehlo amancane, wathi, “Kodwa uyazi, ngizoba ngumama, nami!”

“O, wena noJosefa senishadile na?”

“Qhabo, mina noJosefa asishadile! Qhabo.”

“Mariya, mzala wami, uzoba nengane ngaphambi kokuba wena noJosefa nishade na?”

“Yebo!” Amen.

“O, kuzoba kanjani na?”

²³⁶ “UMoya oNgcwele uzongisibekela, Usevele ukwenzile. O, futhi esizalweni sami kuzoba yiNgane, Okuzoya ku-Emanuweli omncane. Futhi Wathi ngiyoyibiza iGama laYo ngoJesu nxa Isizelwe.”

²³⁷ Futhi wathi nje angasho ukuthi, “Jesu,” uJohane omncane uqala ukumemeza nokugxuma, agxume phansi-phezulu, kangazima njengoba ayengakwenza, phansi naphezulu. O, he! NoMoya oNgcwele wenyukela ku-Elizabethhe, noJohane, iBhayibheli lathi, wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele esizalweni sikanina. O, he! Yebo. UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe.

²³⁸ Futhi lalelani, uma okokuqala iGama likaJesu lake lakhulunywa ngezindebe zomuntu lenza ingane efile yaphila, futhi yagxuma ngokujabula esizalweni sikanina, bekufanele kwenzeni ebandleni elizisho ukuthi lizelwe ngokusha ngoMoya na? Amen.

²³⁹ Ungahlala kanjani umdlavuza ongumbulali lapho na? Lungaba kanjani ungwengwezi olungumbulali na? Ungakubopha kanjani umoya oyisithulu noma oyisimungulu lapho “NgeGama laMi beyokhipha amademoni”? Haleluya!

²⁴⁰ Ungangabazi nje, thatha iZwi laKhe njengoba kwenza uMariya, bese uqala ukuthokoza. Uzokwenza lokho na? Wena ozokhulekelwa kulobubusuku, uzokwenza, masinya nje lapho iGama likaJesu libizwa kuwe, uzoqala ukugxuma yinjabulo, uthi, “Akabongwe uNkulunkulu, konke sekuphelile manje. Haleluya! Konke sekuhambile manje?”

Phuma lapha, futhi noma ubani othi, “Uzizwa unjani na?”

“Kuyamangalisa, kuyamangalisa, kukahle nje futhi kuhle kakhulu.”

“Ngani na? Wazi kanjani ukuthi uphulukisiwe na?”

“UNkulunkulu washo njalo, yilokho kuphela.”

²⁴¹ Njengoba basho ku-Abrahama, “Wazi kanjani ukuthi uzoba naleyongane na?”

Wathi, “Ngifuna amayadi ayishumi endwangu emagqabhagqaba, ngifuna ophini, ngifuna amabhuzu.”

“Ini? Ngani, usuyindoda endala, umkakho usemdala.”

“Akwenzi mehluko, sizoba nengane.”

“Wazi kanjani ukuthi uzoba nayo na?”

“UNkulunkulu washo njalo.”

242 Inyanga yokuqala yedlula: “Sara, uzizwa unjani na?”

“Akukho kwehluka.”

“Ngizoba nengane, noma kanjani, uNkulunkulu washo njalo.”

243 Iminyaka eyishumi yedlula, iminyaka engamashumi amabili yedlula, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu yedlula: “Uzizwa unjani, Sara na?”

“Akukho kwehluka nhlobo.”

“Akabongwe uNkulunkulu, sizoba nengane, noma kanjani.”

“Wazi kanjani na?”

“UNkulunkulu washo njalo, lokho kwanele. Lapho uNkulunkulu ekushilo, lokho kwanele.”

244 U-Abrahama wabiza lezozinto ezazingekho ngokungathi zazikhona, ngoba wathatha iZwi likaNkulunkulu, lapho Akwazi khona ukugcina isithembiso saKhe. Futhi thina sifile kuKristu, sithatha iNzalo ka-Abrahama, futhi siyizindlalifa ngokwesithembiso, futhi asikwazi ukwethemba uNkulunkulu imizuzu eyishumi nanhlanu. Ngeke saMethemba kusukela ngesikhathi sisuka lapha, kuya esikhathini sokusuka epulpiti, usuvele uyaMngabaza. Futhi manje luvelaphi uHlwitho na?

245 Nzalo ka-Abrahama, lapho ulandela imiyalo kaNkulunkulu, futhi uthathe uNkulunkulu eZwini laKhe, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” UNkulunkulu wathumela izipho nakho konke okunye futhi ufakazisile kithi ukuthi Unathi, lapho sibeka izandla phezu kwakho, kukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho, suka emsamo, “Kungumsebenzi osuqediwe, uNkulunkulu washo njalo.” Amen.

246 Wathi, “Ukhubazekile futhi awukwazi ngisho nokunyakazisa umunwe.”

Uthi, “Sengivele ngiphulukisiwe.”

“Wazi kanjani na?”

“UNkulunkulu washo njalo. UNkulunkulu washo njalo.”

“UMfowethu Branham washo njalo.”

247 Qhabo, angikaze, uNkulunkulu washo njalo. UNkulunkulu washo njalo, neZwi likaNkulunkulu liqinisile, akukho okunye okungakumisa. Nkulunkulu siphe abanye oMariya kulobubusuku, nabantu abazothatha iZwi laKhe.

Asikhothamise amakhanda ethu manje, sisakhuleka.

248 Ngabe ukhona oyedwa esakhiweni, ngaphambi kokuba siqale umugqa womkhuleko, ongathanda ukuthi, “Mfowethu Branham, ngifisa sengathi ngabe benginoMoya kaNkulunkulu kimi, bekungangenza ngithathe lonke iZwi likaNkulunkulu futhi ngithi Liyiqiniso. Ngifisa sengathi ngabe benginoMoya kaNkulunkulu kimi obungangenza ngithi, ‘UNkulunkulu washo njalo, yilokho kuphela okukukho’?”

Futhi sonke isithembiso eNcwadini singesami,
 Sonke isahluko, lonke ivesi, wonke umugqa.
 Ngithembele othandweni lwaKhe
 lobuNkulunkulu,
 Ngokuba sonke isithembiso eNcwadini
 singesami.

249 Ningaziphakamisa izandla zenu, bese nithi, “Ngikhulekele, Mfowethu Branham”? UNkulunkulu akubusise. O, he! Phezu kwesakhiwo, kukhulu kakhulu.

250 Ngabe sikhona isoni esingazi ukuthi siMethemba kanjani, esingaba nesibindi sokuza lapha na? Manje khumbulani, angisuye omunye walaba abadabukisayo, abashumayeli ababizela e-altare. Ngikholwa ukuthi iZwi liyakwenza, noma a—akusizi ngalutho, empeleni. Niyabo?

251 Ngiyakholwa uma ulazi iZwi, futhi ukholwa eNkosini uJesu Kristu, wenyukela khona lapha kulobubusuku, bese ujika, lezizethameli, bese uthi, “Ngenelisekile ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, manje ngiyaMemukela njengoMsindisi oqondene nami,” kunamanzi amaningi ezansi lapha echibini, noMoya oNgcwele ulindile. Kunjalo. Yileyondlela yokuza. Yileyondlela yokuza.

252 Yebo, mnumzane, uma ukholwa, ngomzuzu okholwa ngawo futhi uMemukele njengoMsindisi wakho siqu, usukume phambi kwabantu futhi ukufakazise, Wathi, “Lokho ngokushesha Ngiyokufakazisa phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele.” Lelo yiqiniso.

253 Ungeza manje na? Sisalindile umzuzwana nje, ngenkathi umculo usaqhubeka udlala.

254 Nkosi Jesu, ngikhuleka kuWe, Nkosi, angizazi izethameli, Wena uyazazi, Nkosi. Siza, manje Nkosi, uma ekhona oyedwa lapha, ukuze ngiqiniseke ngaloloSuku olukhulu lokwaHlulelwa ukuthi bangeke bangikhombe ngo—ngomunwe onamathambo, futhi bathi, “Ukuba kuphela ububizile ngalobobusuku.” Ngibanika ithuba manje, Baba, ngumphefumulo wabo osengozini. Mabeze, Baba, manje futhi bavume izono zabo futhi bakholwe kuJesu, iNdodana yaKho, baMemukele njengoMsindisi wabo oqondene nabo.

255 Yena impela uJesu owakhulelwa esizalweni sikaMariya ngenkathi uJehova, uNkulunkulu uSomandla, emsibekela, wayeseletha iNgqamuzana leGazi esizalweni sakhe, elixutshwe

neqanda elalikowesifazane, wazala, hhayi igazi leJuda, noma igazi loweZizwe, kodwa iGazi likaNkulunkulu, futhi ngalelo, elingcwele, iGazi elimsulwa liyasisindisa ezonweni zethu.

²⁵⁶ Siphe, Nkosi, ukuthi uma kukhona isoni, Uyayazi inhliziyoyabo, angiyazi, mabeze manje sisalindile.

Lapho Ubabiza abanye,
Mawungangedluli.

Msindisi . . .

Uma ngingaphinde ngikubone, nanti ithuba lakho.

. . . ukukhala kwami okuthobekile;
Lapho Ubabiza abanye,
Mawungangedluli.

Ngingafuna ubuso baKho;
Phulukisa olimele wami, ophukile . . .

[UMfowethu Branham ukhulekela labo abase-altare, amazwi akhe awaqondakali—Umhl.] . . . ? . . .

²⁵⁷ Lendoda, lona wesifazane, nalomfana oyiNdiya, imiphefumulo emithathu eyigugu, sinokunqoba manje. Benyukele lapha kulobubusuku, ngenxa yokuthi uNkulunkulu ubabizile.

²⁵⁸ Manje, uJesu wathi, “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engambizi kuqala.” Ngabe kunjalo na? “UBaba waMi ufanele ambize kuqala. Nakho konke okuza kiMi, Angisoze ngaphuma, futhi ngizomnika ukuPhila okuphakade, futhi ngizomvusa ngosuku lokugcina.” Ngabe yilokho uNkulunkulu akusho na? Leso yisithembiso saKhe.

²⁵⁹ “Manje, onamahloni ngaMi phambi kwa—kwabantu, Ngiyoba namahloni phambi kwaKhe ekwaHlulelweni, uBaba, neziNgelosi ezingcwele, kodwa lowo ozoma futhi aNgivume phambi kwabantu, yena Ngizomvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele.”

²⁶⁰ Lamagama engisanda kunikwa wona manje, uNkulunkulu uwabhale phansi eNcwadini yokuPhila. “Ozwa iZwi laMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akasoze eza ekwahlulelweni, kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Uyakukholwa lokho na?

²⁶¹ Manje, laba bangane bami, abangani benu abasesikho lokho, sebengabafowethu nodadewethu kuKristu Jesu.

²⁶² Uma kukhona abanye abefundisi lapha, bendawo lapha, owazi lababantu, ngifuna nize ngaphambili manje, noma yimuphi umfundisi osendaweni lapho lababantu behlala khona, yenyuka futhi ubanike isandla sokunene senhlanganyelo, bese ubayise ebandleni lakho, futhi wenze isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo esanikezwa bona eBhayibhelini.

Ngabe ukhona umelusi lapha o—okwelinye lamabandla owazi abantu na?

²⁶³ Ngabe nina bantu ningabendawo lapha, kulomphakathi, noma kuphi ngapha na? Anisibo abalapha. Kulungile, abaveli kulezizindawo lapha, khona-ke. Ngabe wena, u, mfowethu mfana oyiNdiya, awusuye owalapha nawe na?

²⁶⁴ Bangaki kini obemukelayo eMbusweni kaNkulunkulu njengabafowethu nodadewethu na? Phakamisani izandla zenu. UNkulunkulu akubusise. Njengoba ubuyela manje ekhaya lakho, ngabe uzoya ebandleni elihle futhi utshele umelusi ukuthi usindisiwe na? Uzokwenza lokho na? Uzokwenza na? Uzokwenza, mnumzane na? Uzokwenza, dadewethu na? UNkulunkulu akubusise. O, lokho kuhle.

²⁶⁵ Asicule *Libusisiwe IGoda EliBophayo* manje senzele bona, lapho beya ezihlalweni zabo.

²⁶⁶ Hamba manje, futhi uma ngingaphinde ngikubone ngapha komfula, ngizokubona Lapho. Lapho bedlula, baxhawuleni.

Libusisiwe igoda . . .

[UMfowethu Branham ukhuluma nalabo abase-altare abasanda kwemukela insindiso, amaningi amazwi akhe awaqondakali. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . .

²⁶⁷ O, lokho nje kungenza ngizizwe ngikahle kakhulu. Cabanga nje, lokho ngukuthi, ukuthi khona lapho ubiza izinkulungwane ezingamashumi amathathu zomhlaba ngokweBhayibheli, umphefumulo ngamunye ubiza amazwe ayizinkulungwane eziyishumi. O, Akamangalisi na?

²⁶⁸ Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzobiza lowomfana oyiNdiya ukuba abe ngumshumayeli.

²⁶⁹ Inenekazi lathi lalivela eHot Springs, e-Arkansas. Futhi ngenkathi ngilapho emhlanganweni, ngenesikhathi esinzima uma sake sabakhona, lasho ukuthi lokho kuKhanya (Bangaki abasibonile isithombe saKho, manje na? Sinaso lapha, ngiqagele nonke nibe ngakuso.), lokho kuKhanya, laKubona kufika ngaphezu kwami ngenkathi ngisashumayela lapho, nomyeni walo wathi lalisangene engqondweni yalo, aliKubonanga. LaKubona! Futhi Kwanamathela kulo kuze kube manje, seliphenduke laba ngumKristu manje. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

²⁷⁰ Leyondingilizi yokuKhanya efanayo yomusa kaNkulunkulu iphezu kwenu manje, Izoniholela eZweni leseThembiso, yilokho oKuthunyelwe khona. Amen. Amen.

²⁷¹ Kulungile, uphi uBilly Paul na? Yimaphi amakhadi omkhuleko owakhiphile na? Ndawondawo . . . Ngabe ulapha na? U C, amashumi amahlanu kuya ekhulwini. Kulungile. Ubani ono C, amashumi amahlanu na? Phakamisa isandla sakho,

ukuze siqiniseke ukubafaka bonke, sizobabiza. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

272 Ufuna ngikutshela okuthize na? Kukhona abanye abantu phakathi lapha kulobubusuku banokukholwa okuthile, lokhu ngukukholwa okwedlula konke engikutholile selokhu kuqale umhlangano. Sengiyayibona imibono ibhobokela phezu kwabantu khona lapha manje. “Uma ukholwa, konke kungenzeka.” Yiba nokukholwa nje, futhi ungangabazi. Uyamangalisa, Akanjalo na?

273 Niyayibona lendoda esikhulile ehlezi lapha na? Ihlushwa ukuqina kwemithambo, futhi inokuzwa kanzima okuncanyana. Uma uzokholwa lapho, mnumzane, ngayo yonke inhliziyoyakho, uNkulunkulu uzokusindisa. Amen.

274 Nangu owesifazane ehlezi khona ngapha ekhulekela indodakazi yakhe, hhayi lapha, enenkathazo yamankanka. Uma ukholwa ngenhliziyoyakho yonke, nenekazi! Uthinte Yena. Niyabo? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

275 . . . inkathazo yenyongo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Indoda ehlezi eduze kwakhe enenkathazo yenhliziyoyakho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Kuzokwenziwa. Kwemukeleni, nobabili. Ninawo amakhadi omkhuleko na? Aninawo na? Awudingi ukuba ube nalo. Niyabo? Uyayazi inhliziyoyakho, yilokho obukhuleka ngakho. Ngabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho ukuze izethameli zizobona ukuthi kuyiqiniso. Phakamisa isandla sakho. Kulungile, khona lapha.

276 Niyabona ukuthi kunjani na? UMoya oNgewele ulapha, ufanele nje uMkholwe. Ngabe kunjalo na? “Uma ukholwa, konke kuyenzeka uma ungakholwa.”

277 Ngibhekisisa ukubona okufihlakele. Umugqa wokubona okufihlakele mawube phandle lapho. Ngizobakhulekela laba. Ngibona into ethize yenzeka. Amen.

278 Inkathazo yesisu isihambile, mnumzane, ungavele nje uyeke ukukhuleka laphaya. Kholwa ukuthi iNkosi ikuphulukisile. UNkulunkulu akubusise. Uyakhukholwa na? Ubukhuleka, “Nkosi, ngicela akhulume nami kulobubusuku, anginandlela yokufika lapho.” Inkathazo yakho yesisu isiphelile, hamba uye ekhaya, ululame manje, uJesu Kristu uyakusindisa.

Ehlezi lapho ekhuleka ngamandla akhe onke, futhi ngikubonile lokho kuKhanya kuhambahamba phezu kwakhe kanjalo, ngimbona enqaba ukudla.

Usukahle manje. Hamba, uphiliswe. A-hha.

279 Ngibona owesifazane ehlezi lapha, uphethe ikhadi lakhe lomkhuleko ngesandla sakhe, ehlezi khona lapho. Ngiyangabaza noma uyangizwa, uzwa kanzima, kodwa uma nje engamukela

ukuphulukiswa kwakhe, Kuphezu kwakhe ngqo khona manje. Unegazi elibi, futhi, yinkathazo yemithambo yegazi ezingalweni zakhe, nezinto. Kunjalo, lelinenekazi eselikhulile, linezinwele ezimfishane eziphunguliwe, ligqoke ingubo ebukeka iluhlaza satshani, liphethe ikhadi ngesandla.

²⁸⁰ Uma uzokholwa khona manje, awuzukudingeka ngisho ukuba uze emsamo. Uyangizwa na? Kulungile! Lokho kukwenzile. Amen. Lokho kulungile. Awudingi ukuba uze manje, mtshela nje ukuthi akadingekile ukuba eze. Mtshela, omunye lapho, akadingekile ukuba eze. Ukahle. UNkulunkulu akubusise.

²⁸¹ O, ayibongwe iNkosi! Ngiyathanda ukubona lokho. Ompofu, owesifazane omdala, ehlezi lapho, kungekho-muntu ombukayo, kungekho-muntu omnakayo, kodwa uNkulunkulu umbonile. Amen.

²⁸² Lowomfowethu ohlezi lapho nekhanda lakhe libheke emoyeni, ekhuleka nje, awunalo ikhadi lomkhuleko, unalo yini, mnumzane, phandle lapho na? Qhabo, awulidingi, ukahle, noma kanjani. Hamba uye ekhaya, uzosinda.

²⁸³ Manje, ngabe Usekhona na? Bathinteni na? Umphetho wengubo yaKhe. Abangithintanga, bathinte Yena. Manje niyabo, ukukholwa kwabo kubasindisile. Ngabe lokho kwenza uJesu Kristu, Lowo ebesikhuluma ngaye, ozelwe ngokuzalwa yintombi. . .? Akafile, Uyaphila. Ngabe kunjalo na?

²⁸⁴ Wena uthi, “Mfowethu Branham, ukwenza kanjani lokho na?”

²⁸⁵ Yisiphiwo nje. Uyaziphumuza nje phambi kukaNkulunkulu, futhi. . .Njengalemayikrofoni nje, lokho ngoku—lokho ngokuyisimungulu. Leyomayikrofoni ayikwazi ukukhuluma yodwa, nami angikwazi ukukhuluma.

²⁸⁶ Ngikwazi kanjani na? Wonke umuntu engisho noma yini kuye esikhashaneni esedlule nje, noma ngabe bekungubani, phakamisa isandla sakho uma ngiyizihambi kuwe. Wonke umuntu osanda kubizwa nje, uMoya oNgcwele obizile, phakamisani izandla zenu uma. . .Nakho lapho okhona. Niyabo? Nango Ambizile, futhi angazi namunye wabo.

²⁸⁷ Bangaki kulomugqa engingabazi na? Phakamisani izandla zenu, niyazi ukuthi siyizihambi, omunye nomunye. Angazi namunye wabo. Niyabo? Ngakho, bengiyoba yisimungulu, nguMoya oNgcwele ukhuluma lapha.

²⁸⁸ Manje, uNkulunkulu angasebenzisa indoda ibe yimayikrofoni yaKhe. Anicabangi kanjalo na? Uma nje ungaba yisimungulu ngokwenene kuwe uqobo, uvumele uNkulunkulu akwenze. Kunjalo, yileyo indlela. Amen.

²⁸⁹ Kulungile. Ngabe lokho. . .? Ukhona ongenayo na? Noma yimuphi kubo bonke abangamashumi ayisishiyagalolunye,

noma kusukela ekhulwini na? Kulungile. Asiqale umugqa womkhuleko. Sizolinda size siqede laba. Niyabo?

²⁹⁰ Manje khumbulani, emgqeni womkhuleko, nikubonile ukubona okufihlakele, bona phandle lapho ongenalo ikhadi lomkhuleko. Awuzange na? Uyakholwa ukuthi lokho kwenza ugcobo, kimi manje, lukaMoya oNgcwele na? Ngabe iBhayibheli liyakusho lokhu (Ngabe iZwi likaNkulunkulu liqinisile na?), “Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda”? Ngabe kunjalo na?

²⁹¹ Manje bukani, esikhashaneni esedlule ngenkathi uMoya oNgcwele ubuwehla, lokho bekuyizibusiso zeNkosi, manje, lokhu enikubona kusebenza ngalendlela kungamandla eNkosi. Lokho yizibusiso; ungasitholi isibusiso namandla kuxovekile. Ungaba nesibusiso, futhi ungabi namandla enele ukuphulukisa ubuhlungu bezinyo. Kodwa amandla eNkosi ngukubonakalisa uNkulunkulu. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? *Amandla* eNkosi. Manje, manje, lowo bekungabantu phandle lapho ongenalo ikhadi lomkhuleko. Manje nangu oyedwa onekhadi lomkhuleko.

²⁹² U—u—uyinenekazi elisemgqeni womkhuleko na? Kulungile, woza lapha futhi ume khona lapha phambi kwami. Ngibuke. Ngisho lokho njengoPetru noJohane bedlula esangweni elithiwa eLihle. Manje, angikaze ngikubone empilweni yami, siyizihambi omunye komunye. UNkulunkulu usazi sobabili. Uma uNkulunkulu ezo—ezongitshela ukuthi uze ngani lapha, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uzokwenza.

²⁹³ Bangaki abanye benu phandle lapho abazokwenza na? Buka lapha, *nasi* isandla sami, *nanti* iBhayibheli likaNkulunkulu: Ngokwazi kwami, angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami, ngingahle ukuba bengikade ngehla ngesitaladi, ndawondawo, phandle lapha, ngimbonile edlula, noma ngemoto yakhe, uma ngi. . . Ngiqonde ukumazi. Uthi akangazi; angimazi.

Uma lokho...Kunjalo, nenekazi na? Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho nje, ukuze abantu bezobona.

²⁹⁴ Nakhu la sikhona. Manje, yini amandla kaNkulunkulu na? Siyini isibonakaliso sikaJesu Kristu na? UJesu wathi, “Izinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza.” Ngabe kunjalo na? Futhi Wathini kuJohane oNgcwele 5:19 na? “Angenzi lutho aze uBaba aNgikhombise.”

²⁹⁵ Manje, eBhayibhelini ngenkathi uFiliphu eza kuYe, Wazi ukuthi wayethole uNathanayeli phansi komuthi; Watshela owesifazane emthonjeni ukuthi yayiyini inkathazo yakhe; owesifazane wathinta ingubo yaKhe phandle ezethamelini, waphumela lapho, Wamtshela; UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu; Unguye izolo, namuhla, naphakade.

296 NeBhayibheli lasho ukuthi iZwi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi,” (Bangaki okwaziyo lokho na?) “uLizwi wayekuNkulunkulu, noLizwi waba nguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.” Ngabe kunjalo na?

297 Manje, ake nginibambe, amaHeberu 4, iBhayibheli lathi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunanoma yiyiphi inkemba esika nhlangothi zombili, lihlababa kuze kwahlukaniswe ithambo nomnkantsha, futhi Lahlulela imicabango yengqondo.” UJesu wayibona imicabango yabo, ngoba WayeyiZwi. Ngabe kunjalo na?

298 Manje, uNkulunkulu wasebenzisa amadoda njengezisebenzeli zaKhe. Ngabe kunjalo na? Njalo, uNkulunkulu wasebenzisa umuntu ukuba abe ngumsebenzeli waKhe, uJesu wayenguMsebenzeli kaNkulunkulu, U-Eliya wayengumsebenzeli kaNkulunkulu, uJohane wayengumsebenzeli kaNkulunkulu. Manje, uma lonyaka uNkulunkulu enofakazi, “Nkosi, mangibe ngumsebenzeli waKho.” Manje-ke makuthi... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

299 ...yini engalungile ngaye. Makabe ngumahluleli ukuthi ngabe kunjalo noma qha. Lokho bekufanele kukuxazulule ebandleni. Ngabe kunjalo na?

300 Buka ngapha, dade. Manje, uma ngingaziphumuza... Nikholwe kimi nje, njengoPetru noJohane bathi, “Sibheke.” Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini na? Nakani nje engikushoyo. Ngingakwazi, ngingakaze ngikubone, zihambi uqobo, uma uNkulunkulu ezongitshela isimo sakho, uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha. Khona-ke kuzokusiza na? Kuzokusiza na? Bekungeke kukuphulukise, kodwa kuzokusiza ube nokukholwa ukuba uphulukiswe, uma ugula. Angazi ukuthi uyagula, anginginalutho ngawe, angikaze ngikubone.

301 Kodwa ulapha ngoba unenkathazo ethile entanyeni yakho; yisimila entanyeni yakho. Bese kuthi-ke, ngikholwa ukuthi udokotela umemezele enye *into ethize* engalungile nge... e... e... Qhabo, ngamathe, indlala yamathe. Kunjalo. Kulungile, Nkk. Rogers, lelo igama lakho. Manje, buyela ekhaya lakho ujabule, ngoba uzosinda...?...

302 Kulungile. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Kulungile, khona-ke yiba nokukholwa njengoba sikhulekela abantu. Nonke ngisizeni manje. Leyomibono isivele ingenza ngibe buthakathaka. Niyabo, angikwazi... Bangaki owaziyo ukuthi imibono ikwenza ube buthakathaka na? Ngenkathi uMose ehla, akazange abeke okwakhe... .

303 Ngikhuluma umzuzu nje ukubuyisa amandla ami okuqina manje. Niyabo? Uya kwenye indawo, ukomunye umhlaba. Uyabona ukuthi kwenzekeni, ukuthi kwenzekani: Obekukhona, okukhona, nokuzoba khona. Niyabo? UMose

wenza lesosimangaliso ngesinye isikhathi futhi wonke u-Israyeli wamkholwa.

³⁰⁴ Ngingumfowenu uJesu Kristu amthuma, wafakazelwa ngokuKhanya okulenga phezu kwami eminyakeni eyedlula. Ngisho nangenkathi ngizalwa, njengomfana omncane, ngineminyaka engamashumi amabili-nanye ngenkathi ngiba ngumfundisi, Waqinisekisa ezansi emfuleni phambi kwabantu abayizinkulungwane eziyishumi, kwaya kwi-Associated press.

³⁰⁵ “Ngiza kuwe, futhi ngakutshela ngokubeka izandla phezu kwabantu, futhi ngibona isiphiwo sisebenza, ngakutshela ukuthi kuyokwenzeka uyokwazi imfihlo yenhliziyi.” Yonke into impela ngendlela Asho ngayo, futhi iprofethiwe ifezekile. Ngabe kunjalo na? Wonke lowho owayesenkonzweni yami yokuqala, phakamisani izandla zenu uma lokho kwaprofethwa kuyofezeka.

³⁰⁶ IBhayibheli lathi, “Uma ekhona phakathi kwenu ozisho ukuthi ungumprofethi noma ongowomoya, futhi akushoyo kufezeke, muzweni ngokuba Nginaye.” Ngabe kunjalo na? Leso yisibonakaliso sakhho.

³⁰⁷ Abanye babo uthi, “Awu, Mfowethu Branham,” lapha esikhathini esingaside esedlule, omunye wathi, “UMfowethu Branham—Mfowethu Branham ukahle lapho ebona okufihlakele, kodwa isayense yakhe yezenkolo inephutha.”

³⁰⁸ Manje, lokho kuyakukhombisa nje ukuthi wazi kangakanani ngokuthi umprofethi usho ukuthini. Angizibizi ngomprofethi, wena uyakwenza. “IZwi leNkosi leza kumprofethi.” Yini *umprofethi* na? Ungufakazi ukubikezela, ukukhombisa ukuqinisekisa ukuthi ungumhlukanisi weZwi lobuNkulunkulu. “IZwi likaNkulunkulu leza kumprofethi.” Buka lokho phansi futhi uthole ukuthi lokho akunjalo.

³⁰⁹ Manje, kini enimi emgqeni womkhuleko, sizovele nje sibeke izandla phezu kwenu manje. Niyawela, ukuze nginithole nonke. Futhi kukhona amanye amakhadi amaningi. Ngikholwa ukuthi omunye umuntu phandle lapho unamakhadi, aninjalo na? Ngabe bakhona abanye futhi esibathathile ohamba kancane na? Ngiyakholwa kusukela ko A noma o B. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, amakhadi ayisikhombisa asele. Kulungile, sizobabeka ngqo ekugcineni kwalomugqa, sibandlulise ngqo.

³¹⁰ Kodwa manje, njengoba siqala ukukhuleka, bangaki phandle lapho, kulezizethameli, ozophakamisa isandla sakhho ukuthi uzobe ukhulekela lababantu, nawe na? Nonke, nonke khulekani manje. Sifuna . . . Ukuba-ke lona bekungudadewethu na? Ngani, ngudadewabo womuny’umuntu, indodakazi yomunye umuntu, umntwana womunye umuntu. Asikhuleke manje, nonke namakhanda ethu ekhotheme.

Manje woza, dade.

311 Baba oseZulwini, eGameni likaJesu Kristu, leloGama elenza uJohane omncane avuke kwabafileyo, agxume esizalweni sikanina, kwangathi Lingaphulukisa udadewethu. Amen. Kulungile.

Woza, mnumzane. Mkholwe manje ngayo yonke inhliziyi yakho. Woza. Uyakholwa na?

O Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, phulukisa lendoda eyigugu. Amen.

312 Manje, uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile kuwe, kodwa akusizi ukukutshela, ngoba uyazi ukuthi yini engalungile, awazi na? Kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, empeleni na? Khona-ke lokho kukhwehlela okudala kuzokushiya, nesifuba somoya sizobe sesihambile, uzoqhubeka, uphile.

Kulungile, woza ukholwa manje.

313 Baba wethu waseZulwini, ngiyambusisa udadewethu, futhi ngibiza phezu kwakhe leloGama, lelo elabangela uJohane omncane ukuba agxume esizalweni sikanina. Siphe khona, Nkosi, ngokuphulukiswa. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

Woza manje. Uyakholwa ngenhliziyi yakho yonke na? Uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe.

O Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa udadewethu, njengoba ngibeka izandla zami phezu kwakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Hamba, uthokoza manje, ujabule.

Manje, mfowethu, uyakholwa ukuthi Uzokwenza na?

314 EGameni likaJesu Kristu, njengaleloGama, kwenele konke, “NgeGama laMi, bayakukhipha amademoni,” nazi izandla zami, “babeke izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda, lezizibonakaliso ziyakulandela ikholwa.” Nkosi, Ufakazisile ukuthi ngiyaKukholwa, ngakho ngiyamkhulekela, eGameni likaJesu. Amen.

Hamba ujabule, inkinga yakho isiphelile.

Uyakholwa, dadewethu na?

315 Nkosi Nkulunkulu, eGameni likaJesu, ngibeka izandla phezu kukadadewethu, ngiyikholwa, Wena wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela,” makaphulukiswe, eGameni likaJesu. Amen.

Woza, dadewethu, Mkholwe ngayo yonke inhliziyi yakho.

316 Manje, Baba Nkulunkulu, njengekholwa, kanye nalelibandla elikhulu likaNkulunkulu lapha kulobubusuku, ngibeka izandla phezu kukadadewethu, futhi ngilahla ukugula, futhi ngicela ukuphulukiswa kwakhe, eGameni likaJesu. Amen.

317 “Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, uNkulunkulu uyakubavusa.”

318 Baba wethu waseZulwini, ngibeka isandla sami phezu kukadadewethu, futhi ngicela lokho, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi Uzomphulukisa, futhi umsindise. Kwangathi angahamba futhi aphulukiswe, eGameni likaJesu. Amen.

Hamba nje ujabule kanjani, uthokoza, konke sekuphelile.

319 Baba Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi udadewethu angaphulukiswa manje. Ngiyamkhulekela, ngalolonke iGama elenele leNkosi uJesu. Amen.

Hamba, uthokoza uthi, “Ngiyabonga, Nkosi.”

320 Manje, engingakutholi ngukuthi kungani ungathokozi futhi udumise uNkulunkulu lapho udlula na? Manje, yilokho engingakuqondi, bandla. Anazi yini ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu impela nje ngesinye isikhathi njengoba Enjalo ngesinye na? Niyabo?

321 Manje, omunye wathi kimi esikhathini esingaside esedlule, wathi, “Angikuqondi.”

322 Awu manje, lalelani, niyazi anginithethisi, aninjalo na? Niyazi ngizama ukwedlulisela iqiniso kini. Niyakukholwa lokho na? Niyakuqonda lokho. Nkulunkulu, ngi... Kwakungekho nokukodwa ukudlula ngaphandle kwalokho engikubonile ukuthi yini ebingalungile kubo. Uma ngiqala ukungena embonweni, kwenzani na? Kuyabahlakaza nje, futhi nakho—nakho lapho okhona. Niyabo? Abantu bazohamba badlule, bazoya badlule, futhi bathi, “Ya, ya,” futhi wena uyakubamba. Niyabo? “Awu, qhabo, angikaze ngikuthole.” Yingalesosizathu unikeza amakhadi omkhuleko, uma ungakwenzi, bayobuyela ngqo emgqeni futhi, babuye futhi, nje kwenza buthaka ukukholwa kwakho ngaso sonke isikhathi, kuya ngokuba buthakathaka ngokuba buthakathaka, kuya ngokuba buthakathaka ngokuba buthakathaka.

323 Ngokushesha nje lapho wedlula lapha, sengathi wedlula ngaphansi kwesiphambano. Awudluli ngakimi, wedlula ngakuYe. Yena uyakwazi, wazi konke ngawe, Ubengasho noma yini Abefuna ukuyisho. Uyakukholwa lokho na?

324 Lapha, wena nenekazi, ngiyisihambi kuwe, uNkulunkulu uyakwazi. Uyakholwa ukuthi Angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho na? Uma Ubengakwenza, bekungakusiza na? Ukhulekela omunye umuntu, kunjalo, umyeni wakho. Umyeni wakho unezinkathazo zangaphakathi, unenkathazo yekhanda enzima. Ungumakadebona wempi, walimala empini, unezinhlungu zekhanda ezinzima. Ungowasendaweni ebizwa ngeFort...?...igama lakho unguNkk. O’Neil. Thatha leloduku bese ulibeka kuye. Futhi yena...Kholwa eNkosini uJesu Kristu, futhi uzosindiswa. Ithunzi elimnyama liyamsibekela.

Hamba, kholwa manje, dadewethu, futhi ube . . . uzophulukiswa eGameni likaJesu.

Manje, uyakholwa na? Yiba nokukholwa. Manje niyabo, kucishe kungibulale.

Woza ukholwa, mnumzane.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa.

Woza.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa . . . ? . . .

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa. Amen.

Woza, mfowethu.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa . . . ? . . .

³²⁵ Manje, uyakholwa na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzongitshela ngokuphulukiswa kwakho na? Ithumba, kunjalo. Uyazi ukuthi ngikuthole kanjani lokho na? Buka *lapha*. Manje, beka isandla sami kwesakho. Uyabona ukuthi sikhukhumala kanjani futhi saphenduka saba bomvu na? Uyazibona lezozinto ezincane ezimhlophe zigijima phezu kwaso na? Lokho kukhombisa ukuthi isimo sakho yithumba. Uzoyohlinzwa. Uyakholwa na? Manje bhekisisa, ake ngikukhombise esinye isandla sami. Uyabo? Akukho esandleni sami *lapho*. Manje beka *lesi* emuva *lapho*. Nakho-ke.

³²⁶ Manje, kinina bantu abadala, niyakubona lokho na? Kunjalo impela. Manje kubhekisiseni. Uyangikholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

³²⁷ Ngingakwenza kukushiye, kodwa angikwazi ukukwenza kuqhele. Manje, ukuze uzoqondisisa, thatha lesi esinye isandla *lapha*, beka isandla sakho phuzulu *ngapha*. Manje isandla sami sibukeka sijwayelekile nje, asinjalo na? Leso yisandla sakho sokunxele. Manje thatha isandla sakho. Manje beka *lesisandla*. Nakho-ke, akubukeki kujwayelekile *lapho* kuyabukeka na? Manje ngibeka esami kukho, kusalokhu kujwayelekile. Beka ezakho, nakho-ke. Siyakhukhumala, siphenduke sibemnyama ngokubomvu, izinto ezincane ezimhlophe zigijima phezu kwaso, zithi, “*Whiri, whiri*.”

³²⁸ Yilelothumba. Niyabo, ngukuphindaphindeka kwamangqamuzana okuphila phakathi lapho, into ethize ukukubulala. Ngingakwenza kuhambe, uma ukholwa, kuzoqhela. Kulungile, bhekisisa isandla sami.

³²⁹ Kungcono ukhothamise ikhanda lakho kulokhu, lokhu ukukhipha okuthize.

³³⁰ O Nkosi, yizwa umkhuleko wenceku yakho, phendula umkhuleko wami, Baba.

331 Ithumba, wena develi, shiya owesifazane, eGameni likaJesu Kristu, phuma kuye!

332 Nakho kuhamba. Manje, dadewethu, manje buka isandla sami. Konke sekuhambile manje, akunjalo na? Ithumba lifile. Hamba ngendlela yakho uthokoza, uthi, “Ngiyakubonga, Nkosi.”

333 Ukhona osewake wakubona lokho kwenziwa ngaphambilini na? Niyabo, uNkulunkulu akasithathi neze isiphiwo. Lapha, bukani lona wesifazane lapha.

334 Nginike isandla sakho. Uyakubona na? Yebo, mnumzane, inkathazo yesisu, unayo esiswini sakho. Buka lapha esandleni sami. Uyabona ukuthi sikhukhumala kanjani na? Bhekisisa, manje susa isandla sakho. Uyasibona sibuyela emuva kokweywayelekile na? Manje ngibeka isandla sami njengesakho. Akukukhathazi. Manje thatha esinye isandla sakho. Akukukhathazi. Manje, thatha *lesisandla*, usibeke *lapho*. *Naso* isilonda sakho sasesiswini. Uyakubona *lapho* na? Kulungile. Manje uzokholwa uma ngikususa kuwe ngomkhuleko, uzokholwa ukuthi kuzoqhela, uzoqhubeka, futhi udle ukudla kwakho kwakusihlwa, futhi uphile na?

335 Nkosi Nkulunkulu, ngiphosela inselelo lodeveli hhayi ngezimangaliso, kodwa lobu ubusuku bokugcina benkonzo. Ukuze abantu bazi ukuthi Wena unguNkulunkulu, dumisa iGama laKho phakathi kwabo, Nkosi.

336 Sathane, shiya owesifazane, eGameni likaJesu Kristu!

337 Nakho kuhamba. Manje bukani isandla sami. Manje beka esinye isandla sakho kuso. Uyabona ukuthi kungokujwayelekile kanjani na? Manje buyisela isandla esifanayo emuva, futhi ubonile ukuthi kwenzekeni esikhashaneni esedlule, manje buyisela lesosandla emuva, nakho-ke. Manje inkathazo yakho yesisu isikahle, hamba ngendlela yakho uthokoza.

338 Yiba nokukholwa nje, yilokho kuphela. Uyabo? Zonke iziphiwo ziyasebenza. Futhi Wangitshela ngolunye usuku, “Khuluma iZwi nje, futhi kuzokwenziwa uma uzothola abantu ukuba bakukholwe.” Manje, bangaki abake bafunda incwadi yami na? INgelosi yeNkosi yathi kimi, “Uzonikwa . . .”

Ngathi, “Abantu ngeke bangikholwe.”

339 Yathi, “Uyonikwa izibonakaliso ezimbili: Esokuqala, uyothatha isandla sabo futhi ubatshela ukuthi yini engalungile ngabo. Ngeke bakukholwe lokho, khona-ke uzobatshela yona impela imfihlo yenhliziyo yabo, futhi bazofanele bakukholwe lokho.”

340 UMFowethu umshumayeli ovela ezansi lapho, ngabe uya . . . ? Kwakungesikho yini lokho ngenkathi ngisemhlanganweni wakho na? Nakhu, konke okwakho phakathi lapho. Manje,

uNkulunkulu wathi, “Khuluma iZwi nje, ukhulekele abagulayo, kuzokwenzeka.” Kufanele.

NgeGama likaJesu, phulukisa lendoda, Nkosi. Amen.

Hamba ukholwa manje, mnumzane. Kwenze... uphile... ngenhliziyo yakho yonke.

Ubulapha esikhashaneni esedlule ngensindiso.

Manje, Nkosi, msindise, eGameni likaJesu Kristu. Amen. Ungumntwana waKho.

Kholwa manje.

Woza, dade. Leyonkathazo endala yeqolo izokushiya. Qhubeka, endleleni yakho uthokoza, uthi, “Ngiyabonga, Nkosi.”

Woza.

EGameni leNkosi uJesu, phulukisa umfowethu. Siphe khona, Nkosi. Amen.

EGameni likaJesu Kristu, phulukisa udadewethu. Siphe khona, Nkosi.

EGameni likaJesu Kristu, makuthi uMoya oNgcwele ogcobayo manje, uphulukise umfowethu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, s’thandwa.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi lentombazane ingaphulukiswa. Amen.

Woza, dade.

EGameni likaJesu Kristu, makuthi amandla kaSathane asuke kowesifazane. Amen.

Anikholwa nje ngokufanayo manje ngabo, njengoba nenza kwabanye na? Impela, ungakukholwa.

³⁴¹ Uma ngikutshela ukuthi yini engalungile ngawe, kungakusiza na? Kulungile. Yiqolo lakho nezinyawo zakho, kungumuzwa oncinyene. Unomuntu enhliziyweni yakho omkhulekelayo, ngumngane okhubazekile. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Manje, kukusizile na? Hamba ukholwa. Amen.

Niyabo, yiba nokukholwa nje, kholwa.

EGameni likaJesu, phulukiswa. Amen.

Yiba nokukholwa nje, ungangabazi.

EGameni leNkosi uJesu, phulukiswa.

Woza, dade, ukholwa.

EGameni likaJesu, phulukiswa.

Woza, dade, ukholwa ngayo yonke inhliziyu yakho.

EGameni leNkosi uJesu, phulukiswa.

³⁴² Aniqondi ukuthi lowo nguMoya oNgcwele usho lokho na?

EGameni leNkosi uJesu, phulukiswa.

Woza, dadewethu, kholwa manje.

EGameni leNkosi uJesu, phulukiswa.

Uyakukholwa lokho na? Kukushiyile khona lapho. Manje, dadewethu, uma bonke bebengaba nokukholwa okunjalo, bekungalunga. Usukhulekile manje, hamba.

³⁴³ Woza, mnumzane. Bukani, benihlezi lapho esikhashaneni esedlule nithokoza ngenkathi ngishumayela. Kunjalo. Ngikuphelile emuva lapho, umbono ufika kuwe ngenkathi ngisho esikhashaneni esedlule, “Uma nje bebengaba nalokhu kukholwa okungaka,” bekukuwe. Uhlushwa yinkathazo yeqolo, uhlushwa yinkathazo yesifuba, unenkathazo ezinyaweni zakho, yabangelwa ukuwa okukhulu owaba nakho. Uphulukisiwe ngaphambi kokuba ungene emgqeni. Hamba ngendlela yakho, futhi uthokoze futhi ujabule, eGameni likaJesu.

Woza, dadewethu, kholwa.

EGameni likaJesu, kwangathi angaphulukiswa. Amen.

Hamba uthokoza manje, ungangabazi, kholwa nje manje. Kulungile. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

...kodwa usekwenzile. Uyakholwa ukuthi uzophulukiswa na?

³⁴⁴ Ngiyalilahla lelidemoni elenze lobububi kudade! Kwangathi angahamba esuka lapha, kulobubusuku, futhi abe ngowesifazane ophilile ukuba afakazele inkazimulo kaNkulunkulu. EGameni likaJesu Kristu, ngikucela ukuba kuhambe! Amen.

³⁴⁵ Manje... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Yimani ngezinyawo zenu nonke, futhi ninike uNkulunkulu udumo.

³⁴⁶ O Nkosi Nkulunkulu, phulukisa lababantu lamaduku abamele, phulukisa izethameli lapha. Kwangathi uSathane angekwazi ukwenza omunye wabo angabaze, kodwa kwangathi bonke bangaphulukiswa ngokuphelele.

³⁴⁷ Phuma lapha, Sathane! Ngikuphosela inselelo, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi ususe izandla zakho kulabantu! 

60-0724 IZwi LikaNkulunkulu Elingaguqulekiyo
ELake County Fairgrounds
ELakeport, ECalifornia E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org